

UKUBA NESINEKE



Ngiyabonga. Khona-ke sikhothamisa amakhanda ethu manje okomkhuleko.

Baba wethu waseZulwini, siyabonga ngalokhu, elinye ithuba elihle kakhulu lokwethula eChicago iVangeli likaJesu Kristu, kulaba abakhethiweyo abalindele ukuFika kukaKristu olungileyo. Siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi uma sesihamba kulobubusuku, ukuthi izinhliziyi zethu zibe njengezalabo abavela e-Emawuse, bathi, “Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma nathi endleleni na?”

² Silindele Wena ukuthi Ufike masinyane, Nkosi, ukuba usemukele eMbusweni waKho omkhulu ngale kwalapha, lapho kungasekho ukudabuka noma ukufa, lapho kungeke kusaba khona imihlangano yokukhuleka emide, futhi kungasekho ukukhuleka kanye nabantu, futhi kuyobe sekuphelile ngaleyonkathi. Futhi siyongena ezinjambulweni zeNkosi, ukuthi thina, ngomusa kaNkulunkulu, sizwa ukuthi singabahlanganyeli bakho, ngoJesu Kristu. Siphe lezizinto, Baba.

³ Futhi uma kukhona noma iyiphi imbewu ebisezinhliziyweni zabantu, futhi engakaze ifike ekuPhileni namanje, sengathi kungenziwa okuthile, kulobubusuku, okuzophilisa lokho kuPhila, Nkosi, ekuboneni uMlayezo walesisikhathi sokuphela esiphila kuso.

⁴ Busisa abefundisi lapha eChicago. Busisa osomabhizinisi, Baba. Futhi ukudla kwakusasa ekuseni, O Nkulunkulu, nginike okuthize engizokusho okuzoshukumisa lawomadoda, izinhliziyi zawo. Siphe khona, Baba. Sisize-ke, kusasa ebusuku, ngale eLane Tech. NangeSonto, inkonzo ekabili, emuva lapha. Siphe khona, Nkosi. Sengathi imiphefumulo ingasindiswa, abantu baphulukiswe, uphakanyiswe uMbuso kaNkulunkulu, Nkosi. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Hlalani phansi.

⁵ (Ulitholile leloculo lasekuseni na? Ulitholile leloculo lasekuseni na?)

⁶ Ngijabulile ngenkathi ngikhuluma noMfowethu Vayle lapha emizuzwaneni embalwa edule nje. Ngingena sekudlule isikhathi kancane, qobo lwami.

⁷ Futhi ngiyazi ukuthi kuyashisa. Kodwa ake ucabange nje uhlezi lapho, bese-ke uhamba uzungeze phezulu lapha, niyabo. Futhi, kodwa sihlala sijabule, noma ngabe sikusiphi isimo, ukuba lapha. Cabanga nje ngezinsuku zeNkosi

yethu, ezansi lapho ePalestina, lapho leyomisebe yelanga, ukushisa, nomphimbo waYo uluhlaza, Yona imi lapho, futhi ibuthakathaka ngempela futhi—futhi ishumayela iqhubeka, futhi iphulukisa abagulayo. Isafana nje namuhla njengoba Yayinjalo ngaleyonkathi. Isazizwa ngendlela efanayo. Lokhu, umusa waYo wanele bonke abawudingayo.

⁸ Manje, lobu ubusuku engizama ukubeka lobubusuku obuthathu bokukhulekela abagulayo nokukhuluma kwabagulayo, umkhuleko wabagulayo. Manje, ngezinye izikhathi, ngizokhuluma okwehlukile, ngensindiso. Ngoba, ngenenkonzongaphindwe kabili usuku ngalunye, niyabo, futhi angikwazi, angikwazi ukuba nayo...Uma ngishumayela kanzima, ngifanele ngidle. Futhi uma ngidla, angikwazi ukuba nalezi uhlobo lwezinkonzo, niyabo. Futhi ngifanele ngi... futhi angikwazi ukuba nezinkonzo ezimbili ngosuku, futhi ngenze enye yazo ibe yinkonzo yokuphulukisa. Kungukuthi nje u—usuthi, futhi igazi lakho lingene esiswini sakho, ukugaya ukudla, bese kuthi-ke ingqondo yakho nje ayisebenzi kahle, ngaleyondlela.

⁹ Ngakho ngi—bengizo, mhlasi, mhlawumbe ngaleyonkathi, ngicabange ukuthi kulobubusuku sizonikela ngakho ngomkhuleko wabagulayo, futhi kulobubusuku. Ngitshele uBilly. Ngicabanga ukuthi uthe yena...Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko, ngabe ukhona owaziyo na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Kulungile. Kulungile, khona-ke, sizofika kuwo ngokushesha nje esingakwenza. Futhi manje asihloniphe nje, silalelisise. Bese kuthi-ke emgqeni womkhuleko, asize ngazo zonke izinhlonipho esaziyo ukuthi kanjani, ukukholwa ukuthi uNkulunkulu ulapha ukuze asiphulukise.

¹⁰ Manje sibonga kakhulu ngemibono. Leyo yinkonzo yami, igxile kulokho, kuze kube cishe ngalesisikhathi; ngilindile noma ngamuphi umzuzu ukuthi into ethize ize, ezayo. Manje nginalokho okuthe ukungenza ngaphelelwa amandla kancane, bekuyleliviki eledlule.

¹¹ Sifika ekhaya sivela e-Arizona, futhi sibuyela emuva ngqo ngoMsombuluko, e-Arizona. Bese kuthi-ke, ekhaya, ngibe nabantu abebelinde ezansi kulowomugqa iminyaka emithathu noma emine, kulezo zingxoxiswano zomuntu siqu, abavela eTexas, abavela e-Arkansas, nakuzo zonke izindawo ezweni lonke, belinde lezo zomuntu siqu izingxo-...Yilapho othola khona into yangempela. Uthola, uthole umuntu oyedwa nje futhi nihlezi ndawonye, khona-ke uMoya oNgcwele ulokhu uhamba nje futhi wembula.

¹² Kwenzeka into encane eyisimanga ngolunye usuku. Ngaba cishe neshumi nanhlanu, ngiqagele, noma amashumi amabili, ngosuku olulodwa. Futhi ngihlezi endlini yami yokufundela,

kusesekuseni ngalokho kusa, ngaphambi kokuya lapho, uMoya oNgcwele omkhulu wangena futhi wangitshela wonke umuntu owayeza, yonke imibuzo ababezoyibuza, lonke iphupho, nayo yonke incazelo. Ngakubhala ephepheni, futhi ngakubeka phansi ngakunye. Khona-ke ngangingena ekamelweni, futhi lababantu, sasingakaze sihlangane ngaphambilini. Wawungena futhi ukhulume nabo, futhi ubonise umbuzo ngamunye ababewubuzile nakho konke ngawo, ngokulandelana, nephupho ababenalo. Bese-ke weluleka futhi uthathe isiqeshana sephepha, bese ubanikeza lona, lapho okwase kushiwo khona ngaphambi kokuba baze bafike lapho, ukuthi kwakuzokwenzekani.

¹³ Manje, uNkulunkulu kuphela ongenza lokho. Niyazi angeke ngikwenze lokho. Noma ubani uyakwazi lokho... ukuthi—ukuthi isidalwa esingumuntu singekwenze lokho. Asinayo indlela yokukwenza. Leyo enye indida, njengoba sikhulume ngayo izolo ebusuku. Bese kuthi-ke ukubona ukushaya emhlohlweni kukaMoya oNgcwele, lapho Usho ukuthi okuthize kuzokwenzeka, kufana ncamashi nalokho.

¹⁴ Manje uma noma yimuphi wenu ezwa ngalowombono wokukhuphukela lapha emahlathini asenyakatho, endaweni engingakaze ngiyazi, naleyo cishe empunga engamafidi ayisikhombisa, enomhlwenga ompungana, naleyonyamazane ikaribu engamayintshi angamashumi amane nambili, nalapho eyobe ilele khona. Ilele kwiphansi legumbi lami lokuphumula, impela nje. Lapho okwashiwo khona, indawo okwashiwo kuyo, ukuthi kuyokwenzeka kanjani, futhi ncamashi igama ngegama.

¹⁵ Bangaki abake bayizwa iteyipu, *Banumzane*, *Yisikhathi Sini?* ngaphambi nje kokuba ngiphumele eNtshonalanga? Isizathu sokuthi iNgelosi yeNkosi ingithumele phandle lapho, Yangitshela, yathi, “Manje, okuvela emaZulwini kuzoba yiziNgelosi eziyisikhombisa emlazeni, kuyakuba khona ezintathu ohlangothini, neyodwa phezulu. Kuyoba njengonxantathu, noma into efana nesivivane.”

¹⁶ Futhi ngathi, “Leyo engakwesokudla yayinamaphiko aYo efulathele, ngase ngitshuza ngangena ngqo emlazeni, ngakuYo, futhi Yayizongitshela ukuthi ngenzeni.”

¹⁷ Futhi ngaya eNtshonalanga, njengoba nje Ingitshelile, ngangiphezulu lapho ngalo kanye usuku olufanayo. Futhi lapho ziqala ukuza zivela eZulwini, Ngathi, “Kuyoba khona umsindo ofana nokuqhuma okukhulu, into efana ne—nesivimbela sebhanyoni, okuvimbela umsindo ophumayo, kodwa,” Ngathi, “kuzoba ngokuzwakala ngokudlulele kunalokho. Futhi ngizoba ngasenyakatho-mpumalanga yeTucson, cishe amashumi amahlanu noma amamayela ayikhulu, into efana naleyo, neTucson izobe ihlezi *ngapha*. Futhi ngizobe ngicosha uhlobo oluthile lukagudluthukela, noma onkuzana, bababiza lapho, ngibasusa emlenzeni webhulukwe lami.” Futhi ngathi, “Kuzoba

khona ukuqhuma.” Futhi sasiphezulu lapho ngalolosuku, futhi ngangingale ngedwa. Kukhona indoda, ngicabanga ukuthi uMfowethu Sothmann ulapha kulobubusuku, owayenami, yena noMfowethu Norman.

¹⁸ Ingabe ukhona, Mfowethu Fred na? Ngicabange ukuthi ngikuzwile uthi, “amen,” ngobunye ubusuku. Ngicabange ukuthi ubelapha; mhlawumbe benginephutha. Mina...O, ngiyaxolisa. O, ya, ngiyaxolisa, Mfowethu Fred. Ya, besiphezulu lapho.

¹⁹ Futhi ngosuku ngaphambi nje kokuba kwenzeka, uMoya oNgcwele wafika ngqo ekamu elincane lapha esasikhempe khona, futhi wathi, uqala ukwembula ngabantwana bethu, nokuthi yini okufanele bayenze, nokuthi kanjani, yisiphi isimo, nezinto ezazenzeka phakathi kwabo, futhi usitshela ukuthi senzeni, kanjalonjalo. Kwadingeka ngisukume ngihambe.

²⁰ Futhi ngakusasa ekuseni. Ngangitholile ukuthi ingulube ijavelina yayikuphi, futhi ngangizama ukutshela laba bazalwane ababili ukuthi kufikwa kanjani kuzo. Futhi nganqamula intaba, ngehla ngale kokuncane, esingakubiza, ingulube encane, kanjalo. Futhi nganginoMfowethu Sothmann lapho ukuba aye ngale kwenye indawo lapho engangibone khona lezozingulube amajavelina kuthangi. Ngase ngivele ngiyitholile eyami, futhi ngakho-ke ngangizama ukubeka laba umzalwane endaweni yakho.

Isizathu, laba bazalwane, izikhathi eziningi ngi—ngiyabahola.

²¹ Futhi ngatshela uMfowethu Norman ukuba eze ngenye indlela, futhi ngibeke uMfowethu Fred maphakathi, bese-ke ngihamba *ngalendlela*. Futhi uma ngihamba entabeni, futhi zazigijima *ngalendlela*, ngiyovele ngidubule phezulu emoyeni, ukuba ngizigijimise ngizibuyisele emuva ngaleyondlela futhi, ukuze akwazi ukukhetha ayeyifuna.

²² Futhi saphumela lapho, futhi yayingekho ingulube ijavelina. Ngabuka uMfowethu Fred, cishe kude ngemayela, futhi ngangimbona. Wabuyela wenyuka intaba, lapho kwakungekho ingulube ijavelina. Ngehlela entabeni, engoxeni enkulu, ngiyenyuka, ngahlala phansi.

²³ Kwakuthi akube yihora lesishiyagalombili ekuseni. Futhi ngangisonge imilenze yami. Futhi ngangi, khumula i-ovaloli yami, ngangicosha abanye balabo nkunzana. Futhi ngathi, “Uyazi, buka lapha, akumangalisi yini lokho!” Ngathi, “Yilokhu impela, futhi ngisesikhundleni ngokuphelele, enyakatho-mpumalanga yeTucson, neFlagstaff, niyabo, futhi ngizoba sempumalanga yeFlagstaff, enyakatho-mpumalanga yeTucson.” Futhi ngathi, “Nampa labo nkunzana engithe ngizobe ngibasusa ebhulukweni lami.” Ngathi, “Kuyamangaza lokho,” futhi ngavele ngakulahla phansi, *kanjalo*.

²⁴ Futhi ngabuka phezulu, ohlangothini olungaphesheya ingoxi enkulu, futhi kwakukhona wonke umhlambi phezulu lapho. Cishe zazisesebangeni lokudubula. Ngakho, nga—ngangingeke ngizidubule mina uqobo, ngoba ngangazingazifuni. Ngathi, “Uma nje ngingafika kuMfowethu Fred nabanye, manje, futhi ngibayise lapho.” Futhi ngeqa umhosha omncane, futhi ngigudla unqenqema. Futhi ngisagijima ngigudla lapho, khona manjalo kwezwakala sengathi izwe lonke liyahlukana, ngokuqhuma okukhulu. Futhi kwangethusa ngaze ngacabanga... Ngangifake isigqoko esimnyama, isigqoko esikhulu esimnyama, futhi lokho kubukeka nje njengengulube ijavelina noma kanjani, ngacabanga ukuthi kukhona ongidubulile. Futhi—futhi kwavele kwangethusa ngaze ngaxumela emoyeni.

Ngase-ke ngicabanga, “Kumayelana nani konke lokhu na?”

²⁵ Ngibone amadwala edilika eceleni kwegquma, egingqikela phansi. Ngase ngiphakamisa amehlo, kwakukhona lowoMzunguzo omhlophe ngenhla kwami lapho, uzungeza. Nakhu kuza iziNgelosi eziyisikhombisa, ziza zehla ziphuma emoyeni, zangiphakamisa, zase zithi, “Buyela ekhaya lakho, eMpumalanga, khona manje, futhi ulethe lezozimPawu eziyisiKhombisa. Ngokuba, kukhona izimfihlakalo eziyisikhombisa, ngokuba iZwi eliphelele lembuliwe manje kulezi zimfihlakalo eziyisikhombisa.”

²⁶ Uma ungakaze uzwe, uma uke wakholwa ukuthi ngake ngasho noma yini entshumayelweni, ephefumulelwe, thathani lawomateyipu eziMpawu eziyisiKhombisa. Angiyena umdayisi wamateyipu. Ngi...UMnu. Sothmann lapha uthengisa amateyipu, yena noMnu. Maguire, kodwa angiwathengisi amateyipu. Bayawathatha. Futhi uma wake wezwa noma yini engeyangempela, njengoba ngingasho ukuthi ISHO KANJE INKOSI, thola lawo.

²⁷ Futhi niyazi, hhayi ngalesosikhathi, bengingakwazi; kodwa amakhamera avela ezweni lonke ayethatha isithombe saLokho, lapho iFu elimhlophe lizenza, kwaya kwi-Associated Press. Ngicabanga ukuthi iphepha lenu laseChicago lakuquketha, nxazonke. Iphephabhuku iLife lakuquketha. Bangaki abakubonile phakathi lapho, ukuthi uMnu... Lokho, niyabo, kwakuyilokho khona lapho, ngayo impela nje indlela elakusho ngayo, imi ngaphansi kwaLo ngqo ngenkathi Lehla futhi lakheka. Bathi, “Kwakungale ngaphezulu, futhi kungukuthi... bazingela izwe, kwakungekho zindiza noma lutho phakathi lapho. Futhi Laliphakeme kakhulu, amamayela angamashumi amabili nesithupha ukuphakama, lapho kungekho khona umhwamuko noma lutho. Ubungeke, abakwazanga ukwenza umhwamuko, noma kanjani. Futhi amamayela angamashumi amathathu ukuLinqamula.”

²⁸ Futhi nanti Lifika, lizinza phansi. Futhi bhekisisani ngakwesokunene salowomlaza, uma kungenjalo... Funda amateyipu, noma ulalele iteyipu, *Banumzane, Yisikhathi Sini?* cishe izinyanga ezintathu noma ezine ngaphambi kokuba kwenzeke. Nakho-ke.

²⁹ Ngisho isayense izofanele iLiqonde ukuthi liyiqiniso. BayaLitadisha. Bathi kuyimpicabadala abaqondi. Isayensi ezansi lapho eTucson izama ukuLiqonda, ukuthi Liyini. Ngicabangile kuqala ngizohamba ngiyokhuluma nabo; Ngicabangile, “Qhabo, bekuyoba njengaleso sithombe seNgelosi yoNkosi esithombeni, abaKukholwanga. Esikho isidingo sokubatshele.” Ngakho, kodwa niyabo, ebusweni bakho konke, bafanele bazi ukuthi kuliQiniso, noma kanjani, ukuthi kuliQiniso.

³⁰ Mfowethu, dadewethu, angazi ukuthi nini. Ngizokwenza uhambo lwami lokugcina oluya eChicago ngolunye usuku. Lokhu kungaba yikho. Kodwa ngiyantshela, eGameni leNkosi uJesu, iVangeli liyiqiniso. Lezi yizinsuku zokugcina. Siphila emathunzini okuFika kwaKhe. Noma yini eniyenzayo, cindezelani ningene eMbusweni kaNkulunkulu. Uma kukhona ukuthinta okuncane okukodwa okushaya inhliziyu yakho, uza masinyane ngenkathi usenethuba lokuza. Isizathu, ihora liyasondele lapho kuyobe sekuleyithi kakhulu, khona-ke awusoze wafuna ukuza, ngeke kusaba khona ukubiza enhliziyweni yakho. Futhi-ke, akunandaba ukuthi uzame kangakanani, awusoze wangena. Lapho ilunga lokugcina selengeziwe kulowoMzimba, ngenxa yoHlwitho, akasakubakhona omunye osindiswayo; iminyango isivaliwe, njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa, futhi akusayikuba khona ukusindiswa okuseleyo, nakuba abantu bezocabanga ukuthi bayosindiswa, yilapho inkathazo izofika khona. Niyabo?

³¹ Ngesinye isikhathi uJesu wafika, abafundi bakaJohane beza kuJesu, futhi bathi, “Sithunyiwe siphuma kuJohane. Sibheke omunye, noma kuthiwani ngakho na?”

³² Wathi, “Hlalani nje futhi nibukele okwenzekayo.” Futhi, khona-ke, balinda. Babuyela emuva ngaphesheya kwentaba.

³³ UJesu wababuka. Wathi, “Naya ukuyobonani, ngenkathi niyobona uJohane; indoda, ingubo ethambile na?” Wathi, “Basezigodlweni zamakhosi.” “Naya ukuyobonani umhlanga untengantengiswa yinoma yimuphi umoya na?” Hhayi—hhayi uJohane. Futhi Wathi, “Awu, naya ukuyobonani; umprofethi na?” Wathi, “Ngithi, futhi ongaphezu komprofethi. Uma ningakwamukela, lona nguye okwakhulunywa ngaye, ‘Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.’” UMalaki 3.

³⁴ Khona-ke kukhulunywa ngoJohane ngesinye isikhathi, abafundi bathi, ngenkathi Ayekhuluma ngalapho

Ayekhuphukela khona eJerusalema ukuba anikelwe, bathi, “Awu, kungani safundiswa emiBhalweni, ngababhali, ukuthi u-Eliyase ufanele afike kuqala futhi abuyisele zonke izinto na?”

Wathi, “U-Eliyase sewafika, futhi anikwazanga.”

³⁵ Manje buka. Kulabo babhali . . . Niyangizwa na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Labobabhali, ngisho labobaphostoli, leso, sona kanye isibonakaliso sabo sokugcina, kwakungukufuna u-Eliyase. Ake ngikuphinde. Babenabo impela abaKhethiweyo, ababhali nabaphostoli, ababizwe yiNkosi, babebheke uMesiya ukuba afike, kodwa u-Eliyasi ukuba afike futhi andulele ukufika kwaKhe. Wase efika, futhi—futhi wakwenza ngokuzithoba okunjalo, futhi . . . baze ngisho abangamqonda.

³⁶ Futhi ngingakusho lokhu, njengomcabango wami uqobo, ngolunye lwalezizinsuku . . . Ubheke okuningi ukuba kwenzeke, okwenzekayo futhi awukwazi. Uzothi, “Ngaphambi kokuhlwithwa kweBandla . . .”

³⁷ Manje angikho lapha ngishumayela imfundiso. Kukhona abefundisi emsamo lapha, abangevumelane mhlawumpe naLokhu. Cishe bonke abefundisi bakholwa ukuthi iBandla lidlula esikhathini sokuHlupheka, ukuze lihlanzwe; angikuboni. IGazi likaJesu Kristu liwukuhlazwa kwethu; akukho okuhlazekile ngokwedulele, niyabo. Niyabo? Ngiyakholwa ukuthi ibandla, ibandla lehlelo nentombi elele, liyadlula esikhathini sokuHlupheka, kodwa hhayi uMlobokazi. Kunomehluko phakathi kwebandla noMlobokazi. UMlobokazi ungena oHlwithweni. Yilapho nina church of God, ka-Anderson, nonke nithola ukuxoveka phezulu lapho, niyabo, kukulokho.

³⁸ Hhayi ukuthi, nginitshela enikwenzile noma eningakwenzanga; angikusho lokho, kodwa lapho nje indlela engikubona ngayo. Into yokuqala niyazi, nizothi, “Ngani, ngicabange ukuthi kwakufanele kube noHlwitho ngaphambi kwesikhathi sokuHlupheka.”

³⁹ Isikhathi sokuHlupheka sizogadla. Futhi kungaba yini, okubi, uma uzwa kuthiwa, “Sekuvele kwenzekile futhi awukwazanga?”

⁴⁰ “Kuyoba khona oyedwa ensimini, ngiyothatha oyedwa futhi ngishiye oyedwa,” kuvele kube nomuntu olahlekile. Bayoba khona abambalwa impela, impela kuloloHlwitho, abazoguqulwa. UMlobokazi olele, uMlobokazi othathwe onyakeni, Uzophuma kuqala. Bese kuthi-ke thina esiphilayo futhi esisele siyohlwithwa kanye nabo, oyedwa nje *lapha*, nomunye *lapho*, nomunye *ngapha*.

⁴¹ Okungenani, nsuku zonke emhlabeni wonke, kukhona abantu abangafika emakhulwini amahlanu abalahlekayo. Futhi kuthiwani uma kukhona inkulungwane na? Bebeyothi, “O, awu, lo wesifazane, uvele wabaleka nomunye umuntu. Lomshumayeli,

wathatha unkosikazi wenye indoda, futhi akasekho.” Uye eNkazimulweni, oHlwithweni, futhi ngeke bakwazi.

Akashongo ukuthi Uyo “fika njengesela ebusuku”? Niyabo?

⁴² Wena uthi, “Awu, uma Efika, ngizoMbona.” Qhabo, qhabo. Labo nje abazoMbona bazoMbona ngalesosikhathi. Niyabo?

⁴³ Niyabo, njengalokho kuKhanya, njengoJohane wama lapho futhi wabona lokho, lowoMoya kaNkulunkulu, njengokuKhanya, ijuba, wehla futhi uhamba phezu kwaKhe, iPhimbo lithi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo,” akekho owaLizwa noma waLibona, ngaphandle kukaJohane. Niyabo?

⁴⁴ Futhi nxa loloHlwitho selwenzeka, kuzoba wuguquko. Futhi into yokuqala niyazi, lokho kuguquka, khona-ke siyabanjwa kubo, futhi sesihambile. Nentombi elele, iqhubekela phambili ngokufanayo nje, futhi icabanga ukuthi yonke into ihamba kahle. Futhi sebevele bahambile, “Sekwenzekile kakade, futhi anikwazanga.”

⁴⁵ Angisho ukuthi kuzoba njalo, khumbula. Angisho ukuthi iNkosi ingitshela ukuthi kuzoba ngaleyondlela. Kodwa ngikholwa ukuthi kuseduze kakhulu, kungenzeka. Angifuni ukuthatha noma iyiphi ishansi. Ngifuna ukulungela. Ngifuna konke kume ngomumo. A—a—angifuni nanini... “Isisindo sibekwe eceleni,” noma ngabe, kuza kanjani. Mhlawumbe indlela esikudwebe ngayo konke kuzokwehluka, kuhlala kunjalo, kunalokhu Anakho...sikhulelile. Ukufika kwaKhe kokuqala kwakungaleyondlela, nokuFika kwaKhe kwesibili mhlawumbe kuyoba yinto efanayo.

Asikhuleke manje. Masibe qotho.

⁴⁶ Chicago, niyazi ukuthi ngingowaseNingizimu, ngijwayele ukungenisa izihambi eNingizimu. Ninedolobha elikhulu lapha, elikhulu, idolobha elikhulukazi elikhulu elinabantu abayizigidi ezinhlanu kulo. Kodwa angilazi idolobha elikhulu emhlabeni elikhona ngempela, kubantu abangaphezulu, elinobungani futhi elikahle njengabantu baseChicago. Kunjalo. Laba bantu baseChicago bangabantu abakahle. Ngisho nawe uphumela emgwaqeni lapha, futhi besikhuluma ngisho nezidakwa nakho konke okunye, ba—bayakuhlonipha, futhi kule. Ngi—ngi—ngiyakuthakasela ngempela lokho.

⁴⁷ Ake nginitshela. Ngombono ngokunye ukusa, ngiyazi ukuthi omunye woMlobokazi ulinde lapha eChicago, ukuFika kweNkosi. Ngiyazi kuzoba nesigejane esiphuma kulelidolobha, esithathwe, ngokombono, ongakaze wehluleke. Futhi ngiyazi kukhona, uNkulunkulu unabantu phakathi lapha abaya kuloloHlwitho, ngi—ngiyakukholwa lokho, ngalolosuku.

⁴⁸ Ngicabanga ukuthi sengisho okwenele futhi ngafinyelela kude ngokwenele, ngize ngidingeke ngiyeke ukukusho manje, ngakho asikhuleke.

⁴⁹ Nkosi Jesu, sisize manje njengoba siya eZwini. Kwangathi abantu bangaqonda ngokucacile, Nkosi, ukuthi izidalwa ezingabantu sindawonye. Siyazi ukuthi siyakhathala futhi sikhandleke. Futhi, kodwa ngiyakhuleka ukuthi Uzonginika esinye futhi isikhathi, kulobubusuku, ukunyakazisa lelibandla elincane, Nkosi, ngamandla aKho, ngeZwi, futhi kwangathi kungebebikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu.

⁵⁰ Nkosi, siyaKubonga ngoba siyakholwa, ukuthi lapho sicela lezizinto, siyazamukela. Ngiyakhuleka ukuthi—ukuthi—ukuthi Uzokwenza into enkulu nje phakathi kwethu, kulobubusuku, Baba. EGameni likaJesu ngiyazinikela, nalendikimba engizoyifunda. Futhi ngikhuleka ukuthi Uzosisombululela Yona ngendlela enkulu, ukuthi abantu bangahle baqonde ngokucacile. Amen.

⁵¹ Ngiyakufisela, uma ufuna, ungakhathalela ngalesisikhathi, futhi sekucishe impela...Ngizozama ukukwenza ncamashi ngesikhathi, kulobubusuku, uma ngingakwazi, ukuphuma ngaphambi kwesikhathi kancane kunalokhu ngenzile izolo ebusuku, noma kanjani. Kodwa phenyani nami esahlu-... IVangeli likaLuka oNgcwele. Noma, ngiyaxolisa, asikushintshe lokho; NginoLuka obhalwe phansi lapha, kodwa ngi—ngiphenye ngalapha nakuMathewu futhi.

⁵² UMathewu, isahluko se 15, siqala ngevesi lama 21. UMarku oNgcwele unikeza irekhodi lakho, futhi.

UJesu ephuma lapho, wamuka waya emaphandleni aseTire naseSidoni.

Futhi, bheka, kwavela emikhawulweni yakhona owesifazane waseKhanani, wakhala kuye, . . . Ngihawukele, O Nkosi, ndodana kaDavide; indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni.

Kepha akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi bakhe bamncenga, bathi, Mmukise; ngokuba uyakhala emva kwethu.

Kodwa waphendula wathi, Angithunyelwanga kwabanye kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwaIsrayeli.

Kepha wayeseza wakhuleka kuye, wathi, Nkosi, ngisize.

Waphendula wathi, Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.

Yena wathi, Qiniso, Nkosi: kepha nezinjana zidla . . . imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo.

Khona uJesu waphendula wathi kuye, O mame, kukhulu ukukholwa kwakho: makube-kuwe njengokuthanda kwakho. Indodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi.

⁵³ Sinakho lapha, ngaphansi kokucutshungulwa, sinokufundwa komBhalo okude impela, futhi angifuni ukuchitha isikhathi esiningi kukho. Okungukuthi, ubungahlala ubusuku bonke, njengoba kwakunjalo, noma ubani uyazi, ngoba wonke umBhalo unikezwe ngokuphefumulelwa. Ngiyakukholwa lokho. Kodwa ngifuna ukuthatha igama elilodwa, ukwenza i—indikimba kulo. Ngizobiza igama elithi: *Ukuba Nesineke*.

⁵⁴ Igama elithi *isineke* lisho “*ukuphikelela*,” futhi ukuphikelela ekwenzeni umgomo noma—noma ukwenza okuthile. Futhi wonke umuntu, okuyo yonke iminyaka, oke—oke wenza noma yini ngokwabo, noma benza noma yini, uyophikelela e—entweni ababezama ukuyizusa.

⁵⁵ Futhi ngaphambi kokuba uphikelele, ufanele ube nokukholwa kulokho ozama ukukuzusa. Futhi uma ungenakho ukukholwa kulokho ozama ukukwenza, awusoze wakwazi ukukwenza.

⁵⁶ Manje, lelogama elincane, ukukholwa, lisho okuningi kakhulu, kodwa nokho silishaya kalula kakhulu. Ngizwa abantu abaningi bethi, futhi bangene, kuyamangaza, bathi, “O, nginokukholwa!” Futhi hhayi ukungawunaki umzamo wabo, kodwa uyazi ngezinye izikhathi labo abathi banokukholwa okukhulu, Ngithola, banokuncane kunalabo ongasho lutho ngakho. Bona, bakhelwe emizweni, futhi hhayi ukukholwa kwangempela. Kunomehluko omncane impela, kodwa ithemba, imizwa enthemba, kunokuthula nokusebenzisa ukukholwa. Niyabo?

⁵⁷ Ukukholwa kuyinto ethize. Kuyinto. Akuyona into ethize e—ovele ugxumele kuyo, futhi ushaye ngokungaqondile kukho bese wethemba kanjalo. Kuyinto ethize oyaziyo. Unayo. I—i—into ukuthi wena o—oyibuzayo, ayikho indlela yomuntu yokuchaza ukuthi uzoyithola kanjani, kodwa nokho uyazi ukuthi ikhona. Unayo. Kuyinto.

⁵⁸ Uma ngingakuthola lokho ukuze niqonde ngokucacile, bekuyosho lukhulu emhlanganweni kulobubusuku. Uma, kulobubusuku balenkonzoyokuphulukisa . . .

⁵⁹ Noma, siyethemba. Ngi—ngisho lokho, “ukuphulukisa,” ngoba ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzo—uzokwenza lokho Athembisa ukukwenza. Futhi uma ngingakwenzanga lokho, bengiyosaba ukuma lapha kulesi izethameli zabantu futhi ngenze lezizitatimende engizenzayo. Ngoba, uma benginokwesaba okuncanyana ngakho, kungcono ngingangeni neze kulowomnyango.

⁶⁰ Ufanele ukukholwe ngokuphelele. Futhi unesiqiniseko, futhi akukho lutho olungakunyakazisa. Wena, akunandaba ukuthi kwenzekani, usakukholwa. Nakuba kubonakala sengathi

kwehlulekile, usakukholwa. Kungenandaba ukuthi kwenzekani, usakukholwa.

⁶¹ Njengenenekazi elincane elihlezi lapha lingibuka, lapha ngobunye ubusuku, uNkk. Way ubekade elinakekela.

⁶² Umyeni wakhe wavuswa ngolunye usuku, kwabafileyo, ebulawa isifo senhliziyu. Futhi ngahamba ngisuka emsamo, futhi ngoba, ngenkathi ngimbona, amehlo akhe abuyela emuva futhi uyafa, a—a—angazanga ukuthi ngenzeni, futhi ngehlela lapho ukuze ngihlole inhliziyu yakhe futhi ngimuzwe. Futhi, niyabo, wayesehambile, khona-ke ngangifanele ngibe kuye.

⁶³ Kwase kuthi-ke ngobunye ubusuku, ngabuzwa umbuzo, “Kungani ungazange wehlele kulelo nenekazi na?” Waphenduka, noma uNkk. Way wazama ukulikhapha. Futhi lawela kwiphansi, nobuso balo baphenduka baba mhlophe, futhi sekuthi alihambe. “Futhi kungani ungehlelanga lapho na?” Ngoba ngangingenaso isizathu sokuya lapho. Niyabo?

⁶⁴ Ukukholwa akuyona into omunye umuntu azama ukuthi uyenze. Yinto uNkulunkulu akuthuma ukuba uyenze. Niyabo? Niyabo?

⁶⁵ Ngibonile ukuthi inenekazi kwakuyilo kuphela... Laligula kakhulu, kodwa lidakwe izidakamizwa, hhayi... lizama ukululama, udokotela wayelinikile. Futhi ngilibonile lihlezi, lihleka futhi lijabula, futhi kusizani ukuthi ngehlele lapho ngemva kokuba sekuvele kuphelile na? Niyabo? Niyakubona na? Futhi omunye uthi, “Kodwa uMnu. Way ubeyoba, ubeyoba, ubeyolala lapho.” Kodwa besifanele sihambe siyokwenza lokhu. Kodwa ngenkathi owesifazane esebuyile ngaphandle, nokho umbono uyafika. Futhi uhlezi lapha kulobubusuku, kuhle; ehleka izolo ebusuku. Ya.

⁶⁶ Niyabo, wena, ufanele wazi. Futhi angeke wazi uze ube nokukholwa, futhi ukukholwa kuveza lokho kwazi-kanjalo. Ukukholwa yilokho “kwazi.” Ukukholwa yileyonto ekushoyo.

⁶⁷ Manje, manje lapho sibona lesi sineke. Noma yimuphi umuntu ozama ukuzuza noma yini, ubelokhu enesineke.

⁶⁸ Isibonelo, uGeorge Washington ubizwa ngobaba walesisizwe. Ngobunye ubusuku wakhuleka ubusuku bonke gulukunqu, eqhweni. Futhi ngenkathi awangempela, angoqobo, amaMelika anegazi lokuqala athatha ukuma kwawo phezu kwalendawo, futhi umnotho omkhulu ababenawo ngokufana wawusengozini, futhi kwakukhona cishe amashumi ayisikhombisa amaphesente, noma ngaphezulu, alawomasosha aseMelika emi phandle lapho, engenazo ngisho izicathulo ezinyaweni zawo. Izinyawo zawo zazibanda saqhwa futhi zisongwe ngezindwangu, kodwa nokho babenomholi ababekholelwa kuye. Futhi lowomholi wayekholelwa kuMholi, uNkulunkulu. Futhi wakhuleka izingubo zakhe zaze zaba manzi, kwafika okhalweni lwakhe, eguqe eqhweni. Futhi

kwakukhona iDelaware eneqhwa phakathi kwakhe nalapho amaNgisi ayethatha khona ipikiniki yabo—yabo ngakolunye uhlangothi.

⁶⁹ Kepha iDelaware eneqhwa ayizange ime endleleni yakhe, kanjalo nokuphikisa kwakhe kwamasosha akhe ayeneqhwa, nezinyawo zawo zaba neqhwa, ne—neqhwa emfuleni. Wayenesineke. Wayenokukholwa ukuthi uNkulunkulu wayezomnika ukunqoba, futhi yena. . . iDelaware ayikwazanga ukuhlala endleleni yakhe. Futhi wazuza injongo. Nakuba izinhlamvu ezintathu zesibhamu imasketi zabhoboza ibhantshi lakhe; kodwa ayizange imthinte. Wayenesineke. Wayezwile kuNkulunkulu. Futhi wayenokukholwa ukuthi lokho uNkulunkulu ayemtshele khona kwakuyiqiniso, futhi akukho okwakungamvimba.

⁷⁰ Uma wonke umuntu ogulayo phakathi lapha, kulobubusuku, ebengaba nokukholwa kuNkulunkulu, njengoba kwenza uGeorge Washington; iDelaware yakho, emi phambi kwakho kulobubusuku, izodingeka incibilike, ngandlela thize ubungayiwela. Kungakhathaleki ukuthi ukuphikisana kwakho kuyini, ubusayoyeqa. Ubuyophikelela, uphikelele kakhulu kuze kuthi lowomdlavuza, ithumba, noma ngabe kuyini, ngeke kukwazi neze ukuma lapho, ngoba ubuyowelela esithembisweni uNkulunkulu akunike sona.

⁷¹ Amadoda angaphikelela kuphela ngemva kokuba esesezwile kuNkulunkulu. Ukukholwa kusekelwe eZwini likaNkulunkulu kuphela, ngoba ukukholwa kufika ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu.

⁷² UNowa eku—kuphikiseni ashumayela kukho, ngezinsuku zesikhathi sakhe, ekulungiseleni umkhumbi. Ngemva kokuzwa esezwe uNkulunkulu emtshela ukuthi Wayezobhubhisa umhlaba ngamanzi, lesosono sase sinqwabelene phezulu kakhulu kangangokuthi Akabange esakwazi ukumelana naso. Wayezogeza umhlaba, ngamanzi. Futhi kwakungekho namancanyana amanzi esibhakabhakeni, kodwa nokho uNowa wayenesineke ngesikhathi sabagxeki. Kungakhathaleki ukuthi abantu bamtshela kangakanani, “Akunakwenzeka,” UNowa wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. Ngoba, futhi engonesineke!

⁷³ Akazange avele athi, “Awu, ngabeka isisekelo somkhumbi, ngi—ngiqagele ngi. . . ukuthi, lokho kuyokwanela, khonake, uma isayense isivele yafakazela ukuthi ngisezindaweni ezingalungile.”

⁷⁴ Yileyo indlela abantu abanengi abenza ngayo ngokuza kuKristu. Babeka isisekelo, sokukholelwa eNkosini uJesu nokuMemukela njengoMsindisi womuntu siqu, futhi mhlawumbe ukuqhubekela embhaphathizweni wamaKristu. Kodwa uma sekufika ekulandeleni wedlule, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, omunye uyabachazela akususe kubo.

Yingalesosizathu leyombewu yawela eceleni kwendlela, noma yawela emhlabathini onamatshe.

⁷⁵ Kepha owesilisa nowesifazane abakholwayo ukuthi uNkulunkulu, ukuthi uKristu, nguyena izolo, namuhla, naphakade, ukuthi iZwi laKhe lingokoqobo nje manje, futhi sonke isithembiso siyiqiniso njengoba sasihlale sinjalo, akukho-mfundisi, akukho-muntu, akukho-muntu ongakuchaza akususe kubo. Banesineke. Bayakhuphuka baze bazuze lokho abebhlose ukukwenza. Ayikho indlela yokukuchaza kusuke kubo. Bayakukholwa.

⁷⁶ UMose, wenza into efanayo, yena—wayesekhohliwe umbono nomuzwa wabantu. Kodwa ngenkathi ehlangana noNkulunkulu kulesosihlahla esivuthayo, futhi ubonile ukuthi lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu! Niyabo, uMose wayesanda kuphuma ngaphansi kokufundisa okuhle, unina, futhi wayefundiswe indlela kaNkulunkulu. Kodwa ngenkathi esukuma lapho futhi wahlangana naloMuntu unina ayemfundise ngaye! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

⁷⁷ Abantu abaningi bathatha iBhayibheli futhi baLiqonde, liphelele ngokwengqondo, kodwa, lokho—lokho akusikho lokho. Akusikho lokho esikhuluma ngakho. Akunandaba ukuthi ungaKuchaza kahle kangakanani, ufanele uhlangane noMqambi waKho, mathupha. Khona-ke yilokho okuletha ukukholwa, ngokuba uMqalisi uhlala kuwe emva kokuba usuzelwe nguYe.

⁷⁸ UMose wahlangana noMqalisi, “NGINGUYE, uNkulunkulu ka-Abrahama, uNkulunkulu ka-Isaka noka—kaJakobe. Futhi Ngiyazikhumbula izithembiso zaMi, futhi Ngize ukuzokuthuma.” Amen. “Ngiyakuthuma ukuba ubakhulule.”

⁷⁹ Futhi qaphelani ngenkathi enza isibonakaliso sakhe sokuqala, futhi kwabonakala sengathi kwehlulekile, ngoba wayenabalingisi abaningi. AmaGibhithe ayengenza into efanayo naleyo ayenza. Kodwa, niyabo, uMose, emva kokuba esehlangane noNkulunkulu esihlahleni esivuthayo futhi wazi ukuthi WayenguNkulunkulu, akwenzanga mehluko ukuthi bangaki abanye ababekulingisile nokuthi hlobo luni lomlingiswa ababeyilo okwenzile, UMose wayazi ukuthi eyakhe yayingeyoqobo, ukuthi yayivela kuNkulunkulu. Wavele wama wathula, ebusweni bukaFaro, kwase kuthi-ke inyoka yakhe yazidla zonke.

⁸⁰ Yileyondlela abantu abenza ngayo namuhla. Bona mhlawumbe...Uma bengenaso isiqiniseko, uma bebenza ngedlingozi elithile, futhi babone omunye ehla ekupheleni okujulile kokuthile, futhi baqhubeke, khona-ke bayacabanga, “Awu, mhlawumbe eyami...”

⁸¹ Kodwa—kodwa lowomuntu ohlangana noNkulunkulu ngempela, futhi ekwazi, uyazi ukuthi kwenzekeni. Khona,

nguNkulunkulu! Impela. Akekho owayengakuchaza akususe kuye.

⁸² UDavide, umfo omncane, obomvana, wayengemkhulu ngokwenele ukuba aphaathe izibhamu, noma inkemba, njalo, ngalolosuku, isihlangu sakhe. Waye, wayemncane kakhulu. Kwenzeka ukuthi, lokho esingakubiza, isijuqwana. Futhi uyise wayengenakwenza lutho ngaye. Yena... Abafowabo babengamakhulu, amadoda ayimdongoshiya aqinile. Ngakho wacabanga ukuthi angamtholela uDavide umsebenzi, mhlawumbe wokwelusa izimvu. Nomfo omncane wahlala phandle lapho, futhi—futhi wahlangana noNkulunkulu. Futhi yena—wayene. . . Wayethunywe ukunakekela lezozimvu.

⁸³ Futhi uDavide wayengumprofethi, neZwi leNkosi lafika kuye ngamaculo. Futhi uJesu wathi, “Anizwanga yini, kumaHubo na?” Ukuthi izinto zabikezelwa kanjani ngaYe, niyazi. Futhi uDavide wayengu—ngumbhali weculo eliyisiprofetho. Futhi ngenkathi wayesephandle lapho, ebheka phezulu, futhi ezwa umoya udabula ezintabeni futhi wehla ngemisedari, wabhala nga “nomthunzi, amadlelo aluhlaza, namanzi athule,” nokunye nokunye, ngokuphefumulelwa. Njengoba elibhala ebusuku, ebuka izinkanyezi nenyanga, no—nokuthi imvelo yasebenza kanjani, uNkulunkulu wamvakashela. Futhi wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu.

⁸⁴ Futhi ngolunye usuku, kwafika ibhere lathatha enye yezimvu zakhe. Futhi imvu yayibaluleke kakhulu kuye ngoba wayefunde ukuthanda leyomvu. Futhi yena—wayithanda. Futhi ngakho ngenkathi ibhere lingena futhi lathatha eyodwa, inhliziyo kaDavide yaqala ukuvutha, ngenkathi ezwa leyomvu encane ikhala. Futhi uNkulunkulu wayemthume ukuba abheke lezozimvu. Futhi ngakho ngenkathi ibhere libamba iwundlu elincane, futhi laqala ukukhala; UDavide, khona manjalo, wakhumbula ukuthi uNkulunkulu owenza intaba wayenguNkulunkulu wakhe. Ngakho ufaka itshe endwayimaneni yakhe encane futhi walandela leli elimpunga elikhulu, futhi yalishaya elimpunga, futhi lasho lawa phansi. Khona-ke, ngenkathi ebuya, wayejabule ngoba wayeyinqobile impi.

⁸⁵ Futhi khona-ke isivivinyo esikhulu siyangena, ibhubesi, elinolaka kakhulu kunoma ibhere belingabanjalo. Liyinyamazane enkulu. Futhi ukuba benginesikhathi, bengingathanda ukuhlaziya lezozilwane futhi nginibonise umfanekiso omkhulu phakathi lapho. Futhi ibhubesi liyangena futhi lidumela eyodwa futhi labaleka. Ngakho uma uNkulunkulu ebengamnikeza ukunqoba phezu kwebhere, impela Ubengamnika ukunqoba phezu kwebhubesi.

⁸⁶ O, uma uNkulunkulu, Onganginika ukunqoba phezu kwami uqobo, amen, ngempela anganginika ukunqoba phezu kwesifo esizama ukungisusa kuYe. UNkulunkulu ongangisindisa futhi angenze into engingeyona; lapho ngingeyena umKristu, angenza umKristu ngami, ngokukholwa iZwi laKhe.

⁸⁷ Khona-ke, sithola ukuthi walithola ibhere. Futhi ekugcineni elamanqamu elikhulu liyafika, lapho kufika i—ibhere elikhulukazi elimpunga, elikhulu kunanoma yiliphi elinye lawo, wayeyindoda eyisiqhwaga. Futhi uDavide wayazi ukuthi, ngoNkulunkulu, wayengaphezu kokulingana nalo, akunandaba ukuthi ukuphikisana kwakukukhulu kangakanani. NgoNkulunkulu, ungaphezu kokulingana. Nokho, indoda encane kunawo wonke, futhi indoda engahlomile kakhulu; hhayi isilwi, inganyana; futhi hhayi izikhali, kuphela umzimba wakhe—wakhe ongenalutho; kungekho isihlangu phezu kwakhe, kodwa isiqeshana sesikhumba semvu ezisonge ngaso. Futhi wayengenamkhonto noma inkemba, wayenendwayimane encane; niyazi, ophisi ababili bentambo enesikhumba ekugcineni kwaso. Futhi wayefuna ukulwa naleyondoda ngoba yayizama ukulandela izimvu zikaNkulunkulu. Futhi uma uNkulunkulu engakhulula imvu, kangakanani-ke umndeni waKhe, abantu baKhe!

⁸⁸ Chicago, yingakho silapha, ningaphezu kwemvu. Ningabantu bakaNkulunkulu. Futhi asinaso isihlakani noma ihlelo elikhulu emva kwethu. Kodwa siyazi ukuthi ukugula sekukubambile, futhi ubambekile e—ezinkathazweni zomhlaba, futhi siza eGameni leNkosi uJesu. Nakuba udokotela ekwala, asinandaba ukuthi wenzeni; size ukuzokubuyisela empilweni, eGameni likaJesu Kristu, ngendwayimane encane, yeZwi laKhe. Izintambo ezimbili ezincane, iTestamente eLisha neLidala, zibambe uJesu phakathi kwazo, futhi siza ukuzokuthatha sikubuyisele lapho ongowakhona, uma nje ungasivumela.

⁸⁹ Qaphelani uSamsoni omncane, futhi, njengoba ngikhulume ngaye izolo ebusuku, wayenesineke kakhulu yena uqobo, inqobo nje wayengezwa lawomagoda ayisikhombisa elenga emhlane wakhe. A—amaFilisti ayengasho lutho kuye, akunandaba noma wayengenalutho kodwa ithambo lomhlathi womnyuzi esandleni sakhe, kumbe noma yini ayenayo. AmaFilisti, noma amasango aseGaza, ayengasho lutho kuye. Inqobo nje uma weyengawezwa lawomagoda ayisiyisikhombisa, leso kwakuyisivumelwano.

⁹⁰ Futhi inqobo nje uma umKristu engasizwa leso sivumelwano, “konke kuyenzeka kokholwayo,” lapho ungezwa leso sivumelwano sokukholwa kuwe, ukuthi ungumntwana kaNkulunkulu futhi uyindlalifa yazo zonke izibusiso zaKhe azethembisa. Akunandaba ukuthi kuvelani, ungaphezu kokufanelana nakho, inqobo nje uma ungakuzwa futhi wazi ukuthi uyakukholwa. Niyangilandela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Inqobo nje uma ungakwazi...Njengoba

uSamsoni akuzwa lokho, wa—wayekahle. Futhi inqobo nje uma, enhliziyweni yakho, ukuthi awusetshenzwanga nje, awunamadlingozi, kodwa enhliziyweni yakho uyazi ukuthi uzokukuthola. Uyazi ukuthi uzivumile izono zakho, uyazi ukuthi usudlulile ekufeni wangena ekuPhileni, uyazi ukuthi ungumntwana kaNkulunkulu, indlalifa yalezizinto, khona-ke akukho okuzokuvimbela ukuba ube nakho. Khona-ke unesineke.

⁹¹ UJohane umBhaphathizi wayenesineke kakhulu ukuthi waze wenza lesisitatemende. Iminyaka eyizinkulungwane ezine babebheke uMesiya, kodwa uJohane wayazi ukuthi wayezoMethula. Wayazi ukuthi wayene... UJesu wathi wayengaphezu komprofethi. Wayengumprofethi, kodwa wayengaphezu komprofethi, ngoba wayeyisithunywa sesivumelwano. Futhi wayeqinisekile kakhulu ngakho, ukuthi wayezobona lokho kuKhanya, leloJuba. Wayezobona uMoya. Wayeqiniseke kakhulu ngakho, waze wathi, “Kukhona omile, Omi phakathi kwenu manje, eningamazi. Angifanele ukuthukulula izicathulo zaKhe; kodwa NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele nangoMlilo.” UNkulunkulu wayenakho...

⁹² Wayengumprofethi, futhi edlula umprofethi, futhi wayekwazi ukuyala kwakhe. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemthumile, futhi kwakungekho kwesaba enhliziyweni yakhe. Nakuba iminyaka eyizinkulungwane ezine, phakathi kwesixuku esiklewulayo sabagxeki, behlekisa ngaye, futhi bethi yena, wayeyindoda yasendle ezama ukuminzisa abantu, lokho akuzange kummise nakancane.

⁹³ Kungenzeka ukuthi othile wathi, “Johane, awesabi ukuthi ngeke kwenzeke na?”

⁹⁴ Bekungahluleka kanjani lapho uNkulunkulu esho njalo na? UNkulunkulu wamtshela, “Lowo oyakubona kuye uMoya ehla, ahlale phezu kwakhe, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele.”

⁹⁵ UJohane wayekwazi. Wayengesabi ukwehluleka. Lokho kwakungukuyalwa kwakhe, lokho kwakungukuthunywa kwakhe, ngakho wayengaba nesineke kakhulu, aphikelele kakhulu. Akunandaba, akukho okuzomkhathaza. Kwakungekho odeveli abenele ekuhlushweni ababengamthatha. Haleluya! Wayethunywe ukuba enze okuthile. Futhi amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa leloZwi alisoze lehluleka. Wathi, “NgizoMbona!” Manje ukukholwa kwase kugxilise okwehange.

⁹⁶ Wayezwile njengoMose, ehlane, lapho abaprofethi be—bebunjelwe khona. Wayemuzwile uNkulunkulu emtshela, “Uyiphimbo lomemeza ehlane. Ngingakhomba emBhalweni futhi ngikubonise ukuthunywa kwakho. Uyilowo u-Isaya asho, eminyakeni engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili edlule, ‘Kuyoba khona iphimbo lomemezayo ehlane.’”

Bathi, “UnguMesiya na?”

⁹⁷ Wathi, “Qhabo. Kodwa ngiyiphimbo lomemeza ehlane, ‘Lungisani indlela yeNkosi, yenzani izindlela zaYo ziqonde!’” Futhi wayazi ukuthi wayezokwenza, ngoba uNkulunkulu washo njalo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ukukholwa, khona-ke wayephikelele.

⁹⁸ Orabi, kanjalonjalo, baphuma, bathi, “Uqonde ukuthi kuzofika isikhathi ukuthi umhlatsshelo wansuku zonke uzosuswa na? Indoda iyothatha indawo, kanjalonjalo na?”

⁹⁹ Wathi, “Kukhona Ozayo oyothatha indawo, futhi Uyosusa umhlatsshelo wansuku zonke. Uyoba yiWundlu.” Futhi lapho ephenduka ukuba abheke, wathi, “Bhekani, naNgu, nanto iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe,” khona kanye phakathi kwentshumayelo yakhe, ngoba uNkulunkulu waMethembisa.

¹⁰⁰ Kungakhathaleki ukuthi bathini, “Awu, bazokuphonsa ejele. Inhlangano yabefundisi izokuxosha. Ngeke ube nenhlanganyelo. Akukho ukubambisana.”

¹⁰¹ Akwenzanga mehluko kuJohane. Wayenesineke. Wayenomlayezo, othile ufanele awuzwe. Futhi kulolonke iqembu lakhe, angicabangi ukuthi wathola cishe ishumi nambili, kodwa wathola okuthile.

¹⁰² Lapho ethola amandla kaNkulunkulu kuye, khona-ke iNkosi iqala ukuhamba phezu kwakhe. Manje, iNkosi uJesu inguye izolo, namuhla, naphakade. Lapho singabona ukuthunywa kweNkosi, khona-ke ungaba nesineke.

¹⁰³ He, lona wesifazane omncane ongumGrekhi, wayezwile ngaYe. Wayengakaze aMbone, kodwa wezwa nje ngaYe. Wayezwile ngodumo lwaKhe.

¹⁰⁴ Awu, sizwa into efanayo. Sizwa ngodumo lwaKhe. Sifunda ngodumo lwaKhe. Siyalubona udumo lwaKhe. “Futhi ukukholwa kufika ngokuzwa.” Ngandlela thize, enye, ukukholwa kuthola umthombo abanye abangawuboni. Uma umiselwe ngaphambili entweni ethile, ungayibheka ngqo, ngoba ukukholwa kwakho kuyayimemezela, futhi abanye abazi lutho ngakho. Ukukholwa kuthola lowo mthombo ongeke uwubone.

¹⁰⁵ Isizathu, abanye bakubuka ngokukuhlolisisa, kanjalonjalo. Futhi bayakubuka, becabangela. Futhi igama elithi *cabangela* uku “linga ngaphandle kwegunya.”

¹⁰⁶ Futhi uMose akehlelanga eGibhithe, ezicabangela ukuthi uNkulunkulu wayenaye; wehlela eGibhithe azi ukuthi uNkulunkulu wayenaye. Niyabo? Awukwemukeli ukuphulukiswa kwakho, ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzokwenza. Wemukela ukuphulukiswa kwakho ngoba uNkulunkulu usevele ukwenzile. Wakwethembisa, nokukholwa

kwakho kuyasho ukuthi kunjalo, futhi akukho okunye okungakwesula.

¹⁰⁷ Manje, iZwi laKhe liyinkemba, iBhayibheli lasho. KumaHeberu 4:12, Lathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, Lahlulela imicabango esenhliziyweni.” Yilokho iZwi elikwenzayo.

¹⁰⁸ Manje okuwukuphela kwento engaphatha lenkemba yisandla. Futhi okuwukuphela kwento engaphatha iZwi likaNkulunkulu ukukholwa. Uma iZwi liyinkemba, khona-ke ukukholwa kuyalibamba, kuyalixhakathisa. Futhi lapho abantu belwa ngababili, sengathi amadoda amabili ayahlangana, futhi ngalemimese ba—balwa ngababili. Nguwe lowo, futhi udeveli ezama ukukwenza ungabaze. Manje, inkemba yakho onayo, mayihlale njalo iyinhle kakhulu, ingcono ngokuphindwe ngesigidi kuneyakhe. Ngizokutshela, eyakhe ayisiyo ngisho inkemba, yinduku. Kodwa eyakho inkemba. Kodwa uma isandla esibambe leyonkemba sibuthakathaka, induku ingasinqoba. Kodwa akunandaba ukuthi lesisandla sincane kangakanani, uma sibambe iZwi likaNkulunkulu, ngokukholwa, akukho okuzokwenza. Ingabeka phansi noma yini.

¹⁰⁹ Uyabona, uyibambe ngesandla sakhe sokunene, nawe esandleni sakho sokunene; futhi lapho izinkemba zenu zikhiyelana, lapho ukhiyelana udeveli, “Ingabe Kunjalo, noma akunjalo na?” Manje uyakucindezela, “Uthi aKulungile, aKulungile! Awufanele uKukholwe.”

¹¹⁰ Kodwa uma uKukholwa! Niyabo, lezizinkemba zehla ziqonde ngqo ezibanjeni. Manje uma ngingaphusha umhlane wakhe, ngesibambo sami, insingo, kanjalo, ngikuphi na? Ngiqondiswe ngqo enhliziyweni yakhe, ngoba ngingakwesokudla, kwesokunxele sakhe. Futhi khona-ke lapho ngicindezela ngokukholwa, ngeZwi, “Sathane, uJesu Kristu wangithuma ukuba ngenze lokhu,” futhi siyakhiya. Futhi siphakame ngalesosandla sokukholwa, futhi sithi, “INGelosi kaNkulunkulu yahlangana nami ngaleya, futhi yathi Kunjalo.” Into yokuqala niyazi, uphonsa inkemba ngqo phakathi, futhi unqotshiwe. “Ngiza ukukuphonsela inselelo! Futhi ISHO KANJE INKOSI.” Lelo yikholwa, lapho linokukholwa ukuphatha iZwi.

¹¹¹ Manje uma ungubuthakathaka obuncane behlelo, kungcono uqhele kukho; uzojikeleza, ukhulume ngakho, futhi uthi ngeke kwenzeke, ngoba awazi lutho ngakho. Kodwa lowomuntu okuphathile, futhi wakubona kunqoba lesositha, uyazi ukuthi kuzokwenzani.

¹¹² Lona ompofu, owesifazane omncane, wayengakaze aMbone, kodwa wayezwile ngaYe. Wayenezithiyo eziningi, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenazo izithiyo. Ukukholwa akunasithiyo nhlobo.

113 Ungahle ube nenqwaba yezithiyo. Ungahle ube nezwi likadokotela, indoda yesayense ekuhlolile. Kungenzeka ukuthi yena, lowo muntu, wakutshela, “Wena, uzofa.” Yilokho kuphela akwaziyo. Yena—yena ukutshela konke akufundile. Umsebenzi wakhe wesayense uyakukhombisa lokho, ukuthi ufanele ufe. Lonke uhlelo lwakho lwenziwe ngalolohlobo lwendlela, ukuthi ukufa kuyishayile, futhi akukho okungayivimba ukuthi iqhubeke. Uyahamba. Manje, lokho kuningi njengoba ekwazi. Ayikho isayense engenawo umuthi wakho.

114 Kodwa kukhona okutholile. Ucosha inkemba. Niyabo? Manje, kusobala, unesithiyo, unokuthile okuzokulwa nawe ngababili: lowo develi, leso sifo, lokho kuhlupheka. Kodwa lapho ushaya isihloko sezinkemba nalowodeveli ngaleya, futhi uthi, “Kungu ISHO KANJE INKOSI! Wangembulela khona, futhi sengiphulukisiwe!” O, he! Ukukholwa kwakho akunazithiyo.

115 Niyazi, ake sithathe ezinye zezithiyo zakhe, futhi sizibheke, imizuzu embalwa nje ngaphambi kokuba sibize umugqa wethu womkhuleko. Kungahle ukuthi bathi kuye, indawo yokuqala, “UngumGrecki; UngumJuda.” Awu, ngenye indlela, kwakungase kuthiwe, “Uyazi, ihlelo lakho aliwuxhasi lo mhlango. Ibandla lakho alikho.” Kodwa, niyazi, lokho akuzange kumthiye. Ukukholwa kwase kuvele kushayile. Wayezwile ngomunye umuntu ephulukisiwe. Futhi wayenesidingo, futhi kukhona okwamtshela ukuthi kwakungenziwa.

116 Manje, niyabo, imisebenzi kaNkulunkulu yamiselwa ngaphambili nguNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na?

117 UJesu wahlangana nendoda eyimpumpethe ngesinye isikhathi, wathi, “Ubani owona, nguyena noma unina, noma kanjalonjalo, noma uyise na?”

118 Wathi, “Akusuye noyedwa, kodwa ukuze kubonakaliswe imisebenzi kaNkulunkulu.”

119 Niyabo, lena yimisebenzi kaNkulunkulu. Futhi lapho uzwa okuthile okukucindezelayo, bambelela kukho. Lowo nguNkulunkulu okhuluma nawe.

120 Awu, wayesalokhu enesineke ngisho nakuba babeshilo ukuthi, “Awusiye owabantu baKhe, futhi ibandla lakho alibambisani emhlanganweni.” Wayenesineke, noma kanjani. Wayehamba, noma kanjani.

121 Kungenzeka ukuthi wehla ngomgwaqo futhi wahlangana nelinye iqembu labapristi, futhi ba—bayamtshela, “Linda umzuzu nje. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Lokho nje ngeningi i—inkohliso. Lokho nje yisigejane sa—yamadoda, omunye obizwa ngomprofethi ezansi lapho enza zonke lezinhlolo zezinto. Lokho, niyazi, lokho, lowo ngumbhedo nje. Ngani, ayikho into enjalo namuhla.” Kodwa noma kunjalo wayenesineke. Wayesakholwa ukuthi kwakuzokwenzeka. Manje, yilapho usuyitholile. Yilapho kwenzeka okuthile.

¹²² Angahle ukuthi wayehlele ekhoneni elilandelayo, wahlangana nomyeni wakhe, nomyeni wakhe wathi, “Uma wehla futhi uzihlanganise kuleloqembu, ngizokushiya.” Awu, angahamba uma ethanda, kodwa usalokhu ephikelele. Unesineke. Unesidingo, nokukholwa sekuvele kugxilile okwehange. Uyazi ukuthi kuzokwenzeka.

¹²³ Kuqhubeke kwehle ekhoneni elilandelayo, wahlangana nesigejane sabantu, wayesethi, “Uyazi ukuthini? Uzoba yinhlekisa yedolobha, uma wehlela lapho ukuyocelala umusa indodakazi yakho. Futhi uzothola ukuthi akungaphezu kwalokho abanye abakucelile futhi abangakuthola.” Akwenzi mehluko ukuthi abanye benzeni, noma ngabe abanye wahlekwa, wayesalokhu ephikelela. Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani. Yena—wakukholwa. Wayezwile ngaYe. Wayazi, uma engase afike lapho, ukuthi kwakuzokwenzekani.

¹²⁴ Manje kungenzeka ukuthi sehlile ekhoneni futhi sahlanguana nomelusi, futhi wathi, “Uzokhishwa ebandleni lakho uma uhamba.” Buka isithiyi into encane empofu eyayinaso. Futhi khumbulani, ungumGriki, manje, hhayi iPentecostal. Futhi nangu ehla, futhi bathi, “Uzokhishwa ebandleni lakho.” Futhi wayelokhu ephikelela.

¹²⁵ Wayenesineke. Akwenzanga mehluko noma ngabe walahlekelwa umyeni wakhe, walahlekelwa abangane bakhe, wayeyinhlekisa yedolobha, nanoma yini eyenzekile, noma ngisho ngabe wakhishwa ngisho nasebandleni lakhe, noma yini enye. Ukukholwa kwakubamile! Wayenesineke. Ngiyakuthanda lokho.

¹²⁶ Manje, abantu abaningi bacabanga ukuthi yilokho kuphela okufanele babe nakho, inqobo nje uma befika kuJesu, futhi beze lapho E—Esemhlanganweni, awu, yilokho kuphela okudingekayo.

¹²⁷ Kwakuvame ukuthi amabandla, lapho ngiqala enkundleni, ayehlala futhi alinde, futhi acishe impela akhale, ize iNkosi ifike enkundleni, futhi, khona-ke, o, he!

¹²⁸ Ezansi lapha e-Illinois, indawo encane ebizwa...O, ngiyakhohlwa ukuthi kukuphi manje; komunye wemihlangano yami ezansi lapha, eminyakeni edlule, lapho iChicago Tribune lapha iqukethe udaba lokuthi kwakukhona ama-ambulensi angamashumi amabili nesikhombisa ezungeze ihhotela elincane. Futhi ngobunye abusuku, ngiya emsamo, ngibeka cishe isisekelo semizuzu engamashumi amathathu, futhi ngibuza abantu, futhi ngabaphonsela inselelo ukuba bakukholwe. Futhi ngomkhuleko owodwa ovela emsamo, emva kokuba iNkosi izembule Yona, ukuthi Yayi, kwakungekho i...kwakungekhomuntu esihlalweni esinamasondo noma ohlakeni, isithulu, isimungulu, noma impumpithe, ndawo. Ngamunye wabo waphulukiswa ngomzuzwana.

129 EThekwini, eNingizimu Afrika, sibone abomdabu boblankethe abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu bephulukiswa ngesikhathi esisodwa, nemithwalo yamaveni ayisikhombisa alayishe izinduku zokuqhugela nezinduku namabhodi, ababezithwele, behla ngomgwaqo, nalabobantu behamba ngemuva, becula elithi *Kholwa Kuphela*.

130 Ukukholwa! Suka emicabangweni yakho—yakho. Cabanga umcabango waKhe. Niyabo? Cabanga lokho Akucabangayo.

131 Uthi, “Mfowethu Branham, ngi—ngi—ngizohamba, ngiyacabanga...” Awunawo umcabango ofikayo. Mawube kini lowo mqondo owawukuKristu, khona-ke uzoliqonda iZwi. Niyabo? Qaphelani.

132 Lapho labobantu babeyohlala futhi balinde, ngenkathi iNkosi ingena futhi yenza okuthize, o, he, bavele basukuma futhi bahamba.

133 Kodwa, niyazi, kubonakala sengathi namuhla, sebone okuningi kakhulu kwakho. Futhi manje iNkosi iyeza... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Awu, uyazibonakalisa Yena uqobo phakathi kwethu, sithi, “Malibongwe iGama leNkosi. Impela angakwenza. Mfowethu Branham, ngiya ngale ku-Oral Roberts ngeviki elizayo futhi ngimenze angikhulekele, *nokuthi-nokuthi*. Uma lokhu kungasebenzi, kulobubusuku, ngizoba...” Lokho kumayelana nesimo sokuziphatha nje, niyabo. Abantu abanasineke.

134 Uma uMoya oNgwele, uma uJesu Kristu, efakaza ukuthi Ulapha phakathi kwethu, khona-ke cindezeleni nize nifike kuYe. Njengowesifazane omncane onomopho, nazo zonke izinto ezehlukene ezenzekile, nazo zonke izitha endleleni yakhe, wavele wacindezela waqhubeka ngqo edabula waze waMthinta. Uma lelibandla, kulobubusuku, belingenza into efanayo, belizocindezela ledlule kuzo zonke izikali zokungakholwa, beliyokhiya izinkemba nodeveli nokungakholwa kwakhe, futhi licindezele ledlule ukwazi ukuthi ungumntwana kaNkulunkulu nendlalifa yalezizinto, noJesu Kristu emi ekhona ukukhombisa ukuthi Unawe, ukugcina iZwi laKhe. Yiba nesineke, ungavumeli lutho lume endleleni yakho.

135 Ngiyamangala nje. Uma ukukholwa kugxilile, ingabe kukhona okungama endleleni yakho na? Awukutholi. Uma ngempela ukutholile, lokho bekuyokuxazulula. Yilokho kuphela. Niyabo?

136 Lona wesifazane lapha, owethu omncane, umngane ongumGreki, kulobubusuku, esinakho lapha phambi kwethu, njengendikimba, ngenkathi efika kuJesu. Njengoba uJesu ebeyofika lapha nathi kulobubusuku; siyafika, futhi Uza lapha futhi afakazise, nangu Uphakathi kwethu. Awu, wacabanga ukuthi lokho kwakuxazulula. Lokho akukuxazululi. Qhabo, mnumzane. Yilapho nje uqala ukulwa. Yilapho uqala impi

yakho yangempela. Lapho efika kuJesu, khona-ke uJesu wathi Wayengathunyelwanga esizweni sakubo. O, he!

¹³⁷ Futhi enye into, Waphenduka futhi wabiza uhlanga lwakhe lwabantu lutho ngaphandle kwesigejane sezinja. “Angithunyelwanga, kuphela ezimvini ezilahlekile zabantwana bakwa-Israyeli.” Lokho akuzange kummise. Wayesalokhu enesineke. Futhi wathi, “Ngaphandle kwalokho, akukuhle kiMi ukuba ngithathe isinkwa sabantwana futhi ngisinike nina izinja.” Noma kunjalo wayenesineke.

¹³⁸ O, ngiyakuthanda lokho. Wayesalokhu ebambelele. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Bambelela kukho! Wayenesineke. Wayengesona isitshalo sasembhedeni wembewu, esasidingeka sitotse. Qhabo, mnumzane. Wayengelona udatshana olubhasteliwe, njengengxenyane enkulu yemitshalo namuhla. Awudingekanga ukuba umncenge futhi uthi, “Manje, dade, ngizokutshela, ngizokukhuthaza ukuthi uqhubeke, ngoba...” Qhabo, mnumzane, kwakungekho muntu lapho owayezomkhuthaza, kodwa ngisho noJesu qobo lwaKhe wazama ukumdikibalisa. Whewu! Udumo! Manje ngizizwa njengomgingqiki ongcwele, ngokwanele impela. Ngisho noKristu qobo lwaKhe emi lapho, ezama ukumthena amandla, kodwa wabambelela. Amen. Ukuba nesineke! Wayefike kokuthile. Wayekwazi.

¹³⁹ Ukuba-ke Ubengakubiza ngenja, nohlanga lwakho, isigejane sezinja na? “Nina sigejane sabaseChicago, nina—nina sigejane samaMethodisti, nina maPresbyterian, angizange ngithunyelwe ngisho kini. Anilutho ngaphandle kwesigejane sabazenzisi, noma kanjani.” Whewu! He! Beni-yophakamisa ikhala lenu futhi nivulele ngaphandle lowo mnyango. Niyabo? Kungani? Anikaze nibe nokukholwa, kwasekuqaleni. Nibhasteliwe, isitshalo sombhede wembewu okufanele sifuthwe ngaso sonke isikhathi.

¹⁴⁰ Hhayi yena! Qhabo. Kukhona okwenzekile, ukukholwa kwase kugxilise okwehange. Angeke ahlulwe. Amen. Nakho la ukhona. Akunandaba ukuthi abanye benzeni, abanye batheni; angeke ahlulwe. Qhabo, mnumzane. Ngisho noJesu, qobo lwaKhe, akakwazanga ukumthena amandla. Amen.

¹⁴¹ “Kodwa aNgithunyelwanga ohlangeni lwakho. Qhubeka, uyishaye, yehla ngomgwaqo. ANgithunyelwanga kini bantu. Futhi anilutho ngaphandle kwesigejane sezinja, empeleni. Angiyona... Akulungile ngempela ukuba Mina ngithathe isinkwa sabantwana futhi nginike nina isigejane sezinja, izinja ezinochuku, amagundane asemgwaqweni, kanjalonjalo. Aku—akukuhle kiMi ukwenza lokho.”

Ini? Wavuma ukuthi Wayeqinisile. Amen. O, he!

¹⁴² Ukukholwa kuyohlala njalo kuvuma iZwi kahle. Noma ngabe umelusi wakho usho njalo noma qha, noma ngabe omunye

usho njalo noma qha, ukukholwa kuthi Liqinisile. Udumo! Ukukholwa kwakho kuthi Liqinisile.

¹⁴³ Ngakho lokho ayebizwa ngakho, ngisho nguJesu Kristu, Lowo eza kuye, futhi Wamkhuza. Futhi bukani kubafundi baKhe, amadoda ayenaYe emikhankasweni yaKhe, athi, “O, yishaye! Phuma lapha. Uyasicasula. Ungayikhathazi iNkosi yethu.”

¹⁴⁴ Lokho akuzange kummise. Qhabo, mnumzane. Akukho okuzommisa, ngoba unokukholwa. Kuzokwenzeka, noma kanjani. Wavuma ukuthi Wayeqinisile. “Angilutho ngaphandle kwenja. A—angifanelwe yilutho. Kodwa, Nkosi, ake ngilethe okuthize enkumbulweni yaKho. Angifuni isinkwa; ngifuna invuthuluka nje embalwa.”

¹⁴⁵ Inkathazo yakho manje, asinabo abantu abazithobayo ukuze bathole invuthuluka. “Angizange ngingene emgqeni.” Lokho akwenzi mehluko. Ngiza nje ukuzobona ukuthi Unguye yini izolo, namuhla, naphakade. Ngifuna invuthuluka.

¹⁴⁶ O, wayehluka kanjani kunamanje. Khumbula, wayengakaze asibone isimangaliso. WayengumGrecki. Wayengakaze asibone isimangaliso, nokho waphikelela ngoba kukhona okungaphakathi kuye okwamtshela ukuthi wayezobona esisodwa.

¹⁴⁷ Wayefana noRahabi, isifebe. URahabi, isifebe, akashongo ukuthi, “Manje khuphulani uJoshuwa, nina zinhlozi, futhi ake ngibone ukuthi uzigqoka kanjani izingubo zakhe, nokuthi hlobo luni lokuziphatha analo. Futhi ake ngibone ukuthi uyabukeka yini noma qha, noma ukuthi uzikama kanjani izinwele zakhe, uma eyindoda elungiswe kahle nakho konke.” Khumbulani, lokho kwakuluhlobo lomsebenzi wakhe, niyazi, wayezingela indoda ebukekayo, wayeyisifebe sasemgwaqeni. Futhi ngakho wathi, “Ngizwile ukuthi iNkosi uJehova inawe, futhi ngicela umusa.” O, he! Nakho la ukhona, ukukholwa kufika ngokuzwa. “Ngizwile ukuthi umthathile u-Agagi, nokuthi wenzani ezansi lapho. Futhi ngizwile lokho uNkulunkulu akwenzele khona oLwandle Olubomvu, futhi ngiyakukholwa. Futhi ngiyazi ukuthi uyinceku yaKhe. Ngicela umusa nje.” Amen. Waphiwa umusa.

¹⁴⁸ Lona wesifazane, waphiwa umusa. Wathi, “Qiqiniso, Nkosi, kodwa izinja zidla invuthuluka ephansi kwetafula labaninizo.” “Ngenxa yalesi sisho...” Lokho kwakwenza. Ekugcineni, ephikelela, enesineke, engavumeli lutho lume endleleni yakhe, ngisho nasebusweni bukaJesu ezama ukumkhuza, wathi...Kodwa wama futhi wavuma ukuthi Wayeqinisile, iZwi laliqinisile, nakho konke. “Kodwa nokho, Nkosi, izinja zidla invuthuluka, futhi yimvuthuluka nje evela kuWe yilokho kuphela engiyicelayo. Okuncane nje okukodwa okuncane okukodwa, ichashaza elilodwa nje yilokho kuphela

engikufunayo, Nkosi. Ukuthinta kwaKho nje, yilokho kuphela engikufunayo. Ukuthinta kwaKho nje, yilokho kuphela.”

¹⁴⁹ O, ukuba nje besibenakho lokho kulobubusuku “Nkosi, ngihlezi lapha, ngiyagula. Kodwa uma—uma—uma kukhona okuzongitshela ukuthi ngingaphila, yilokho kuphela engifuna ukukwazi. Khona-ke lokho—lokho kuyakuxazulula, ngiya ekhaya futhi ngikukholwe, niyabo. Akukho okusazoma endleleni yami. Izimvuthuluka zaKho nje, Nkosi, yilokho kuphela engikufunayo.”

¹⁵⁰ UJesu wathi, “O sifazane,” noma, “O sifazane, kukhulu ukukholwa kwakho. Hamba ngendlela yakho, ngokuba lokho obuphikelela ngakho, okukholiwe, uzokuthola ngaleyondlela.” Amen.

¹⁵¹ Ekugcineni wayesenqobile. Wayenendlela efanele esiphiweni sikaNkulunkulu. WayengoweZizwe. Ukukholwa njalo kuyavuma ukuthi iZwi liqinisele. Ngokuzithoba nangenhlonipho, hhayi ukuphuma futhi uqhume ngento ethile. Ngendlela efanayo manje. Ngokushesha manje, ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko.

¹⁵² UMarta, ebukhoneni beNkosi uJesu, lapho wonke umuntu ehlekisa ngaye, wathi, “Bukani, loMfo ophulukisa abagulayo, ngenkathi niMdinga... Ya, wathatha ukuphila kwakho, waMphakela, uke waMnika igumbi; lapho Efika emzini, Wahhala nawe. Wayengumngane omkhulu kaLazaru. Kodwa lapho ukugula ngempela kungena, Wasuka kuwe.” Niyabo?

¹⁵³ Kodwa lapho ezwa ukuthi Ufikile, waba nesineke. Waqala wehla ngomgwaqo. Omunye wathi, “Manje ngicabanga ukuthi uyaphuma uyoMbona.” Wavele wavala izindlebe namehlo akhe, waqhubeka wacindezela. Wayenesineke.

¹⁵⁴ Ngenkathi uJesu ekhuluma naye, wathi, “Nkosi, ukube Ubukhona, umnewethu ngabe akafanga. Kodwa ngisho nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona.” Wayenesineke. Qaphelani, njengowesifazane waseShunemi, ebukhoneni buka-Eliya, ummeleli kaNkulunkulu emhlabeni; UMarta wayazi, uma uNkulunkulu wayeku-Eliya, impela WayekuJesu.

¹⁵⁵ Owesifazane waseShunemi, ngenkathi enyukela lapho, futhi wathi, u-Elisha waphuma emgedeni wakhe futhi wabheka phandle lapho futhi wathi, “Nangu eza lowo mShunemi, futhi inhliziyoyakhe ikhathazekile. UNkulunkulu ungifihlele. Angazi ukuthi ufunani.”

¹⁵⁶ Wathi, “Konke kuhamba kahle kuwe na? Nomyeni wakho na? Nengane na?” Wathi, “Konke kuhamba kahle.”

¹⁵⁷ Mbhekeni ngenkathi etshela inceku yakhe. “Bophela lo mnyuzi, futhi uhambe uye phambili ngqo futhi ungami.” Yiba nesineke, yiba ulokhu uqhubeka nje.

158 Abanye babo bathi, “Heyi, awume kancane! Ngifuna ukukhuluma nawe, Lydie.”

159 “Angenzi lutho, ngifanele—ngifanele ngifike laphaya, yilokho kuphela okukhona kukho. Niyabo, ngifanele ngifike laphaya. Ngifanele ngithole ngalokhu.” Futhi khona-ke lapho i... Wathi, “Awu, ngizokutshela, ngizokuthumela indwangu egcotshiwe. Ngizokuthumelela lenduku, futhi uye laphaya, uyibeke phezu komntwana.”

160 “Lokho kuhle kakhulu, mprofethi kaNkulunkulu. Ngi—ngi—ngicabanga ukuthi kuhle kakhulu lokho. Kodwa njengoba umphefumulo wakho uphila, angeke ngikushiye, ngizohlala khona lapha ngize ngithole.” Amen. Isineke. Impela, wayenesineke.

161 U-Eliya wacabanga, “Awu, hlukana naye. Ngingahle ngibophe izinkalo zami.” Niyabo? Nanguya ehamba. Niyabo? Ukuba nesineke, ukukholwa kwabo kwakubambe iZwi.

162 Kanjani ukuthi uMikaya omncane, leyondoda yasemahlathini encane engafundile emuva lapho, wayengama phambi kwalabobaprofethi abangamakhulu amane, futhi ukhulume lapho okuphambene nabo. Ngani na? Wayenesineke.

163 Bathi, “Ngani, buka!” Lowombhishobhi onekhanda elikhulu kakhulu wasukuma lapho nalezizimpondo, wayesethi, “INKosi uNkulunkulu yakhuluma kimi.” O, he! Inhloko yenhlangano yathi, “INKosi uNkulunkulu yakhuluma kimi, futhi yafakazelwa ngamakhulu amane alawamadoda lapha, ukuthi, ISHO KANJE INKOSI!” Futhi indoda yayiqotho.

164 Manje, kodwa uMikaya wama, wathi, “Kodwa ngibona u-Israyeli ehlakazekile, njengezimvu ezingamelusi.”

165 Ngakho wahamba wenyuka, futhi wathatha izandla zakhe futhi wamukula umlomo wakhe ngamandla akhe onke, wathi, “Wayaphi uMoya kaNkulunkulu ngenkathi Uphuma kimi, uma nazi konke ngalento na?”

Wathi, “Uzoqonda, ngolunye usuku.” Futhi u-Ahabi wathi...

166 Awu, manje, yilokho okwashiwo inhlangano. Qaphelani manje, wayengeke angene kuzo ngaleyonkathi, ngaphansi kwezimo ezinjengaleyo. Kodwa wayazi ukuthi umbono wakhe wawuqinisile. Wayenokukholwa, ngoba ukukholwa kwakhe kwasho khona impela okwashiwo yiZwi, ngakho wayenesineke.

167 Manje bheka igunya likazwelonke. Nakho kumi u-Ahabi, wathi, “Mfakeni etilongweni elingaphakathi, nimnike isinkwa namanzi osizi. Futhi lapho ngibuya ngokuthula,” wathi, “Ngizo—ngizomnakekela lomfo.”

168 Mbuqe, enesineke nokho. “O, Ahabi omkhulu, mhlawumbe benginephutha. O, mbhishobhi, mhlawumbe benginephutha?” Qhabo, qhabo, hhayi yena. Wayekade egxilile okwehange.

Wabona umbono, nombono wakhe wawuneZwi. Wathi, “Uma ubuya nokubuya, ngingumprofethi wamanga!” Amen. Wayenesineke. Impela, wayenjalo.

¹⁶⁹ Indoda eyimpumpithe engikhulume ngayo esikhashaneni esedlule, ayikwazanga ukuphikisana nabo ngesayense yezenkolo, yayingazi lutho ngakho. Bangathi, “Ngani, u*S'bani-bani* washo ukuthi-nokuthi nokuthi-nokuthi.”

¹⁷⁰ Wathi, “Angazi ngesayense yakho yezenkolo. Kodwa yilento eyodwa engiyaziyo: lapho ngangiyimpumpithe, sengiyabona manje.”

¹⁷¹ Uyise nonina abakaze babengakaze babe nalolohlobo lokukholwa. Bathi, “O, bazosikhipha esinagogeni. Ngakho mbuze, usekhulile.”

¹⁷² Mfowethu, kwakungekho lutho olungalungile ngaye. Wathi, “Kuyamangaza. . .” Wathi, “Angisona isazi sezenkolo. Angikwazi ukuphikisa imiBhalo yakho okhuluma ngayo. Kodwa uthe uyazi ukuthi uNkulunkulu uphulukisile; kodwa, loMuntu, awazi ukuthi Uvelaphi. Manje, kuyinto eyinqaba, ukuthi uMuntu angeza lapha futhi avule amehlo ami aphuphuthekile; nani, baholi benkolo, futhi anazi ukuthi Uvelaphi.” Mfowethu, wayeyisazi sezenkolo, encwadini yami. Yena—yena wayenayo, waba nempikiswano bonke abanye abakwazanga ukuyixazulula, yilokho kuphela. “Usho kanjani ukuthi awunalo irekhodi lokufika kwaKhe—kwaKhe—kwaKhe, awunalo irekhodi encwadini yakho, lokufunda kwaKhe, lapho imfundo yaKhe ivela khona, noma lutho. Anazi ukuthi Uvelaphi, nokho iNdoda enginika ukubona kwami.” Ukuphikisana okuhle kakhulu, kwakungesikho na? Yebo, mnumzane.

¹⁷³ UFiliphu, ngenkathi emi lapho futhi wabona uJesu waseNazaretha etshela uSimoni ukuthi wayengubani igama lakhe, negama likayise, waphikelele kakhulu. Wayenomngane oyisitashi ngesingaye ayefuna ukumtshela ngaye, wayesehamba futhi wathola uNathanayeli.

¹⁷⁴ Lapho uNathanayeli, emi lapho phambi kwamalungu ebandla lakhe, nompristi omkhulu, nabaseSanhedrin, futhi bonke bemi bezungezile. Lapho uJesu embuka, futhi wathi, “Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

¹⁷⁵ “O, kungcono ngithule manje. Qaphela, nakho kumi umbhishobhi, nakho kumi umbonisi omkhulu, nakho kumi umelusi, nakho kumi sonke isihlobo sami. Kungcono ngithule, ngenze sengathi angazi lutho ngakho?” Niyabo? Qhabo, qhabo.

¹⁷⁶ Kukhona okwakwenzekile. UFiliphu wayemtshengise inzalo. Wathi, “Rabi!”

¹⁷⁷ Bami lapho, bathi, “Lendoda inguBelzabule. Ningakulaleli Lokho. Ingumbhuli. Ingudeveli. NingaYilaleli.” Kodwa uFiliphu, masinyane, noma. . .

178 UNatanayeli waMqonda njengoRabi, umfundisi. Wathi, “Rabi, Uke wangibona nini na?”

179 Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla.”

180 “Manje ngizokwenzenjani na? Nanku umBhalo, uyasho ukuthi leso yisibonakaliso sikaMesiya.” Wagijima waya kuYe futhi wawa phansi, futhi wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu! Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli. Angikhathali ukuthi abanye bazothini ngakho. Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli.”

181 Owesifazane omncane emthonjeni, ngenkathi etshelwa ukuthi yini eyayingalungile ngaye. Manje, niyazi, uma kwenzeka wazi elaseMpumalanga . . .

182 Ngabe zikhona izithunywa zenkolo lapha, ezike zaba seMpumalanga na? Awu, uyaqonda ukuthi owesifazane onjalo akanalo igunya nhlobo, lokukhuluma namadoda noma kuphi. Kunjalo. Kusenjalo. Akakwazi, akakwazi ukukhuluma namadoda, nakancane, futhi ikakhulukazi ngezimpikiswano nezingxoxo zezenkolo.

183 Kodwa, o, ndoda, ubungamthulisa na? Kufana ne—indlu eyomile evuthayo, emoyeni omkhulu. Ubungeke umise. Wathi, “Wozani, nibone uMuntu, Ungitshela izinto engizenzile. Ingabe lo akuyena ngempela uMesiya?” Manje ngithole . . .

Ngiyavala manje. Ngizofanele nje ngiyeke.

184 Cishe eminyakeni emine noma emihlanu edlule, ngabona umbono, ukuba ungithumele ezansi eMexico. Uthatha iPhimbo losomaBhizinisi lokho . . . Niyabo, ngaphambi kokuthi ushicilele noma yini, ufanele ukwazi ukusekela lokho. Manje, ungakusho, kodwa ungakushicileli ngaphandle uma ungakwazi ukukusekela, ngoba kuwudaba olushicilelwe. Ngangine . . .

185 Ngehla ngezintambo, ngemuva kwenkundla, isibayana lapho sasikhona, wayenezinkulungwane eziyishumi ngobusuku, abaphendukele kuKristu. Futhi khona-ke lapho ngibuka, uBilly weza kimi futhi wathi, “Babayi, uyakubona konke lokho okwenzekayo, laphaya ngakolunye uhlangothi, cishe amayadi ayikhulu namashumi amahlanu na?” Wathi, “Lowo ngowesifazane omncane oyedwa.” Wathi, “Akamkhulu njengeqhuzu lensipho, neze, into encanyanyana.” Wathi, “Unengane efile ekhwapheni lakhe.” Futhi wathi . . .

186 Ngibiza indoda ngo*Mañana*, “kusasa,” wayethatha kancane kakhulu, lowo uyeza futhi wangithola. Wayefanele angithathe ngehora lesikhombisa nqo, futhi wangithatha ngehora lesishiyagalolunye. Mina ngehla ngenyuka ezitezi.

187 Futhi wayesewakhiphile onke amakhadi omkhuleko, futhi wayengasenawo. Ngangimnike cishe ishumi nanhlanu noma amashumi amabili kuphela, ubusuku, ngoba yilokho kuphela

engangingafinyelela kukho. Isizathu, uma ubungabanikeza ikhadi, bona—bona abaqondi njengawe, awukwazi ukukhuluma nabo. Ngakho babe—babe nje. . . Ngibanika cishe ishumi noma ishumi nanhlanu, noma yini, yilokho kuphela engingakunikeza. Awu, base bengasenawo amakhadi omkhuleko.

¹⁸⁸ Futhi wathi, “Akazange angene naleyongane, futhi akazange athole ikhadi lomkhuleko.” Futhi wathi, “E, sinabacishe babe ikhulu namashumi amahlanu, abangenisi abangamakhulu amabili, noma mhlawumbe ngaphezulu, bemi ezansi lapho, futhi abakwazi ukumbamba lowo wesifazane omncane. Ugijima ngaphansi kwemilenze yabo, phezulu phezu komhlane wabo, nakho konke okunye. Unalengane efile.” Wayibona leyondoda eyimpumpethe ngobusuku obandulelayo, yemukela ukubona kwayo, ngakho yathi ifuna ukungena.

¹⁸⁹ Ngathi, futhi ngathi, ngathi, “Billy, a—angikwazi ukusiza.” Ngangikhuluma.

¹⁹⁰ Ngathi, “Mfowethu Jack Moore,” ngathi, “khuphukela lapho. Akazi ukuthi ngingubani.” Babengasoze bangibona, emuva le ngaphandle kanjalo. Futhi ngathi, “Yana lapho, futhi wehle futhi ukhulekele ingane, futhi uzocabanga ukuthi yimina nje, futhi yilokho kuphela.”

¹⁹¹ Wayesethi-ke, “Kulungile, Mfowethu Branham.” Waqala ngaleyondlela.

¹⁹² Futhi ngaphenduka, ngathi, “Manje njengoba bengishi, ukukholwa yi. . .” Ngabheka laphaya phambi kwami, futhi kwakukhona ingane encane yaseMexico ihlezi khona ngqo phakathi emoyeni lapho, ihleka nje, akukho mazinyo, encane, ingane encelayo, kanjalo. Ngaphinda ngabheka.

¹⁹³ UMfowethu Espinoza, abaningi benu bayamazi uMfowethu Espinoza, “Ngakho yini inkinga na?”

¹⁹⁴ Ngathi, “Ngibona umbono.” Ngathi, “Ima kancane, Mfowethu Moore.” Nonke niyamazi uJack Moore, ngiqinisekile, bosomabhizinisi. Ngathi, “Awume kancane, Mfowethu Moore. Umzuzu nje. Billy, hamba ulethe owesifazane lapha.”

Wathi, “Babayi, akanalo ikhadi lomkhuleko.”

Ngathi, “Akwenzi mehluko; mlethe lapha.”

¹⁹⁵ Futhi, yena, bamdlulisa. Nakhu kufika owesifazane omncane omuhle ngempela, naye. . . Imvula, ina nje, futhi belina intambama yonke, nalabobantu bemi lapho. Futhi izinwele zakhe—zakhe ezinhle zilenga emaceleni akhe, nobuso bakhe, babumanzi bonke. Futhi wayekhala, futhi—futhi izinyembezi zehla ngezihlathi zakhe. Futhi uza egijima enyukela lapho, emanzi te, nengubo yokulala encane ebukeya iluhlaza okwesibhakabhaka isonge ngendlela encane, futhi wayeyibambe *kanje*. Futhi waguqa ngamadolo waqala ukukhala okuthile, “Padre, padre!”

¹⁹⁶ Futhi ngamthatha, ngathi, “Sukuma.” UMfowethu u-Espinoza wamtshela. Futhi wayenengane encane *kanjalo*, eyibambe eyikhiphele ngaphandle, njengoba nje ngingabamba leloduku, kuphela yayilele ezingalweni zakhe *kanje*.

¹⁹⁷ Futhi ngathi, “Baba waseZulwini, angazi noma lena yingane noma qha. Ngavele ngabona ingane encane, futhi ngicabanga ukuthi mhlawumbe kwakuyikho le, ukuthi lokhu kwenzeke ngendlela okwenzeke ngayo. Ngi—ngibeka izandla zami phezu kwayo futhi ngicela ukuphila ukuthi kubuye, eGameni leNkosi uJesu.” Futhi ingane encane yakhahlela, yayisiqala ukudazuluka ngakho konke. Niyabo?

¹⁹⁸ Futhi ngathi, “Mfowethu Espinoza, ungasho lutho ngalokho manje. Ungakuniki osomabhizinisi lokho, noma yimuphi wabo, uze uthole isitatimende esisayiniwe esivela kudokotela wakhe.”

¹⁹⁹ Futhi udokotela wasisayina lesi sitatimende, ukuthi, “ingane ibulawe yinyumoniya” ehhovisi lakhe “ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo,” futhi lokhu kwase kucishe kube ngeleshumi nanye nqo ebusuku, kade ifile sonke lesi sikhathi.

²⁰⁰ Ngani? Wayephikelele. Wakholwa, uma uNkulunkulu enganikeza impumputhe ukubona kwayo... Udumo kuNkulunkulu! Uma uNkulunkulu enganika indoda eyimpumputhe ukubona kwayo, uNkulunkulu ubenganikeza ukuphila enganeni; ngoba uNkulunkulu ofanayo onikeza impumputhe ukubona, unikeza ukuphila enganeni. Ngani? Wayenesineke. Abangenisi abangamakhulu amathathu, akukho okwakungamisa. Wayezimisele, ngoba kukhona okugxilise okwehange.

²⁰¹ Wayengakaze abone noma yini yalezizinto enizibonayo nonke. Into kuphela, omunye amtshela yona, ngalolosuku, ukuthi indoda eyimpumputhe, eyayihlala ezansi nomgwaqo ukusuka lapho ayekhona, yayemukele ukubona kwayo; yayikade iyimpumputhe cishe iminyaka eyishumi, inesifo samehlo iglakhoma emehlweni ayo. Futhi ngalolosuku, yayihamba yehla ngomgwaqo, ikhala, ivayizelisa izandla zayo, futhi wayibona.

²⁰² Nengane yakhe yafa. Wathatha ingane ehhovisi likadokotela, futhi wayikhipha. Wama kuleyomvula usuku lonke gulukunqu, elindele ithuba. Futhi ngenkathi engalitholi ikhadi lomkhuleko, wayesalokhu ephikelele. Wayengazi lutho; wayeyiRoma eliKatolika. Into kuphela ayeyazi, ukuthi wayefanele afike kowesilisa othize.

²⁰³ Manje wazi kangcono kunalokho. Akuyona indoda ofika kuyo. NguKristu ofika kuye. YiNkosi uJesu Kristu ofika kuyo. Konke ukukholwa kwakhe kwakukumpristi wakhe, ngoba wayengukulunkulu kuye. Kodwa kulobubusuku akukho-muntu ongukulunkulu wenu kuphela uJesu Kristu, futhi Ulapha, onguye izolo, namuhla, naphakade. Haleluya!

Masiphikelele, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

204 Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi Uzosisiza manje. Izwi nje noma amabili avela kuWe, Nkosi, bekufanele nje kwenzele lababantu okuthize. Ngiyakhuleka kuWe, Nkosi. Njengoba Wethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyozenza lezizinto, imisebenzi Owayenza ngenkathi wawulapha emhlabeni, lokho bekuyophindwa futhi, futhi kunikeze imifanekiso yakho ngemiBhalo; njenge, isibonelo, iSodoma nezindawo ezehlukene, futhi siyabona ngale eNcwadini yeSambulo, oNyakeni waseLawodikeya. Futhi, o, ukuthi Wasenza kanjani isithembiso, futhi wathi Wawu “nguye izolo, namuhla, naphakade”! Futhi sibona ngezithombe, lapho iso lomshini wekhamera lizobamba izimfihlakalo kulolu izinsuku zokugcina, ukuthi umuntu angeke akwazi ukuzichaza. Nkulunkulu, kwangathi abesilisa nabesifazane, kulobubusuku, abahluphekayo nabagulayo, lapha, kwangathi bangaphikelela futhi bafinyelele eNkosiwini uJesu kulelihora, baye ekhaya bejabula, bephulukisiwe. Sikucela eGameni laKhe, ngenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

205 Manje, ngileyithi namanje. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kodwa ngicabanga lokhu, “Lona kungase kube umhlangano wokugcina esinawo ndawonye. Ngingahle ngingaphinde neze nginibone. Ngingahle ningaphinde neze ningibone size siwele umfula.” Futhi sonke singahle siwele ngaphambi kokusa.

206 Khumbulani, lesisizwe sikalwa esikalini. Sizofika kulokho lapho sengiyoshumayela, niyabo. Qaphelani, asazi ukuthi kuyoba nini.

207 Ngakho, uPawulu washumayela ubusuku bonke, ubusuku obubodwa, leliVangeli elifanayo. INkosi yalihlonipha iZwi laYo, ngenkathi umfo omncane awa wafa, njengoba kwenza uMfowethu Way ngokunye ukusa. Uhlezi khona lapha phambi kwami manje. UPawulu wabeka umzimba wakhe phezu kwalomfana, nokuphila kwakhe kubuyela kuye. Leyo yinto efanayo eyayenza kuMfowethu Way. Kukhombisa ukuthi uNkulunkulu ofanayo, ngeZwi elifanayo, ngoMoya ofanayo, wenza into efanayo. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje-ke uma Elapha . . .

208 Manje buka, akukho-muntu ongakuphulukisa, ngoba usuvele uphulukisiwe. Okuthile kufanele kwenzeke kuwe, ukukutshela ukuthi kungokwakho, bese-ke uphikelela.

209 Ake sibone, ayeyini lawomakhadi esiwanikezayo, kwakungo-A, o-A? O, usanda kuqeda ukunikeza abanye o-A na? Kulungile. Siqale kuphi na? Ngabokuqala, wa- . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Siqale, saba neshumi nanhlanu, ngikholwa ukuthi kwakuyilo, owokuqala kuya kweleshumi nanhlanu, owokuqala kuya kweleshumi nanhlanu.

210 Ake siqale kwenye indawo, futhi asiqale kusukela amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili,

amashumi ayisishiyagalolunye. Ake siye kwelamashumi ayisishiyagalolunye, amashumi ayisikhombisa nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye. Khetha iqembu elincane phakathi lapho, futhi siqale kusukela lapho, bese-ke sithola njengoba siqhubeka sisuka lapho. Vele siqale lapho. Sibone ukuthi singathola abaningi ngangokunokwenzeka, bakhulekelwe. Makuthi amakhadi omkhuleko amashumi ayisikhombisa-nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye, bame kuqala. Lokho kuzosinika ishumi nanhlanu ukuqala ngalo. Sizobona lokho uMoya oNgcwele akuholayo. Baletheni ngapha kwesokudla, uma uthanda, ishumi nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye. . .

211 Noma linda, ngiyaxolisa. Bengithini na? [UMfowethu Vayle uthi, “Amashumi ayisikhombisa nanhlanu kuya emashumi ayisishiyagalolunye.”—Umhl.] Amashumi ayisikhombisa nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye. [“Abayishumi nesithupha kubo.”] Kuzoba neshumi nesithupha, ya, amashumi ayisikhombisa nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye. Lokho kuzoba abantu abayishumi nesithupha. Kulungile, ngisize, Mfowethu Vayle. Manje uma. . . [“Bayeza.”] Balapho. Uma bengakwazi ukusukuma, ngani, qinisekani ukuthi bathola usizo ezansi lapho. Kulungile, Mfowethu Vayle, uma uthanda. Manje ngifuna. . .

212 Bangaki phakathi lapha abangenawo amakhadi omkhuleko, futhi niyafuna, nazi ukuthi uJesu Kristu anganiphulukisa, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngi—ngifuna ukukwamukela. Ngi—ngiyakholwa.” O, angeke size silinde uMoya waKhe, sengiMbonile ethinta omunye khona lapho ezethamelini. Amen.

213 [UMfowethu Vayle uthi, “Amane awekho.”—Umhl.] Amakhadi amane awekho, phakathi kwamashumi ayisikhombisa nanhlanu namashumi ayisishiyagalolunye. [“Sebeyangena manje.”] Kulungile.

214 Bangaki laphaya, bangaki emuva le ngemuva, abakholwayo, emuva le ngasemuva, phezulu le kovulandi abasesitezi, nxazonke na? Thana nje, “Ngiyakholwa.” Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngiyakholwa.” Kulungile, yilokho kuphela. Kuhle lokho. Manje uma uJesu Kristu. . .

215 Ngenkathi ngisacabanga lapha, ngilinde ukubona ukuthi kuzokwenzeka ngempela yini kulomuntu, noma qha. Umuntu othile usanda kuthintwa manje nje. Ngiyakubona kwenzeka. Angikaze ngimbone umuntu empilweni yami. Kodwa ngibabukile ngqo, ngikubonile kwenzeka, futhi ngimbonile umuntu ethintwa nguMoya oNgcwele. Bengingamsukumisa lowomuntu khona manje, futhi afakazise ukuthi kuyiqiniso, amen, ngaphambi kokuba umugqa uze uqale. Usakhuleka, ubeke iduku lakhe emlonyeni wakhe, ehlezi emuva khona lapho. Unenkathazo yomgogodla. Kunjalo. Ehlezi ngqo. . . Ya.

Lowo ngumyeni wakho, ephakamise isandla sakhe. Lalelani, ngiyisihambi kini nonke, kunjalo na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Inkathazo yakho yomgogodla izokushiya.

²¹⁶ Futhi lalela, kambe, umuntu ophakamise isandla sakhe, ngokuthi uMoya oNgcwele ukushayile; ngenkathi ngikhuluma nomkakho, uMoya oNgcwele ukushayile. Futhi unokuthile okungalungile ngawe, isimila engalweni. Kholwa, futhi kuzokushiya. Udumo kuNkulunkulu!

²¹⁷ Buza labobantu ukuthi ngake ngababona yini empilweni yami, njengoba ngazi. Bayizihambi. Kodwa ini na? Ukukholwa kuhamba, namandla kaMoya oNgcwele. Uyakholwa na? Amen.

²¹⁸ Ingabe ukhuluma iSpanishi na? Phenduka futhi utshele leyo ntombazanyana, ayikwazi ukukhuluma iSpanishi... ayikwazi ukukhuluma isiNgisi, emuva lapho. Kukhona okungahambi kahle esifubeni sayo. Phenduka futhi uyitshela. UJesu Kristu ukuphulukisile, dade. E-hhe. Ya. Ayikwazi ngisho ukukhuluma isiNgisi. Ngiyibonile ikhuluma iSpanishi.

²¹⁹ Manje seKuthole elinye inenekazi, elihlezi phambi kwalo, elixhuxhuma ngempela, futhi alikwazi ukukhuluma isiNgisi. Lingelase Spain, futhi linokuthile okungalungile esiswini salo, lihlezi ngaphambili. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, inkathazo yakho yesisu iyakushiya, futhi ungaya ekhaya futhi uphile. Amen. UNkulunkulu unguMphulukisi.

²²⁰ NiyaKubona kulishaya na? Bekudingeka balitshela, ngeSpanishi, ngaphambi kokuba libone. Alikwazi ukuqonda isiNgisi. Bukani lapho, abantu abangakwazi ngisho ukukhuluma isiNgisi! Kodwa lokho nje abakubonayo, bona—bona bangacabangela futhi bezwe uMoya, ngisho nalapho bengakwazi nokuzwa.

Ngiyanidabukela!

²²¹ Udumo kuNkulunkulu! Angikaze ngikubone lokho kwenziwa. Amen. Babuze labobantu. Ngani, angikwazi ngisho ukukhuluma ulwimi lwabo. Kodwa, niyabo, kufakazela ukuthi awudingi ukuba ube kulomugqa womkhuleko. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa na?

²²² Ubumsholo ini u “amen”, uhlezi khona lapho na? Uyakholwa ukuthi inkathazo yamankanka izokushiya na? Uyakholwa? Yima ngezinyawo zakho. Iyakushiya.

²²³ Niyabo, uyangizwa, engikushoyo; *laba* abakwazanga. Manje ngitshela ukuthi akuyena uNkulunkulu na? Amen futhi amen. Kungani ungeke uphikelele, uma labobantu abangakwazi ukuqonda igama, igama elilodwa lesiNgisi, becindezela kukho na? Babengabesinye isizwe. Kodwa uNkulunkulu wakwenza lokho, ngiyakholwa, ngoba ngishumayeke lokho emizuzwini

embalwa edlule, “umGrecki, esinye isizwe.” Wayephikelele. Babhekeni, nibone ukuthi kwenzekani.

224 Ingabe leli yinenekazi lapha na? Sawubona? Siyizihambi omunye komunye. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu ukhona na? Ukukuphulukisa, angeke mina. Anginawo—nawo amandla okuphulukisa. Nginegunya lapho ngilemukela kuNkulunkulu, ukumemezela okuthile uNkulunkulu akwenzile. Niyabo?

225 Futhi njengoSamsoni, inqobo nje uma ayengewezwa lawomagoda elenga ngapha nangapha, kwakulungile. Uma ngiMbona ehamba phakathi kwethu kanje, ngiyazi ukuthi Ulapha. Aninjalo na?

226 Ngiyakubona uphalaza. Unamalumbo okuphalaza. Ukhathazekile ngesisindo sakho esikhulu kakhulu. Khonake, unesimila emzimbeni wakho, ngaphansi kobambo lwakho. Kunjalo. Ube nesikhathi impela ukhuphukela lapha, awubanga njalo na? Kungani ngithe, “Khuphukela lapha”? Ngoba uvela—vela eningizimu-ntshonalanga ukusuka lapha. Uvela eMissouri. Buyela emuva, uJesu Kristu uyakuphilisa. NguYe lowo.

227 Omunye wesifazane, owesifazane oyikhaladi, angimazi, angikaze ngimbone. Kodwa yena u... Kukhona oza lapha, omunye, olunye uhlanga luza kolunye, uhlanga olumhlophe nekhiladi. Sonke siyigazi elilodwa. Uyakholwa ukuthi iNdodana kaNkulunkulu yavuka kwabafileyo, futhi Yathuma iBandla laYo ukuba lenze into efanayo aYenza na? Uyakukholwa lokho na? LeloBandla angeke life. “Phezu kwalelidwala ngiyakulakha iBandla laMi, amasango esihogo angeke alinqobe.” Kwakuyini na? Isambulo sokomoya. Uma uNkulunkulu engembula kimi, ngoMoya waKhe, ukuma kwakho lapha, nokuthi yini engalungile ngawe, ngokufanayo nje njengoba Atshela lowo wesifazane emthonjeni, lokho kuMenza afane, ngoba wena u... sobabili siyizidalwa ezingabantu. Ngabe kunjalo na?

228 Manje unovalo kakhulu ngokuthile. Ukhathazekile. Umqondo wakho ukhungathekile kakhulu. Utshelwe into ethize ekuthusile, lokho bekungukuthi unethumba, nethumba lisekhanda lakho. Kunjalo lokho. Futhi wena—wena uzohlinzwa, kodwa kukhona ukwesaba okancane ngakho, ngoba unobuthakathaka enhliziyweni yakho, ukuthi bayesaba ukukuhlinsa ngenxa yobuthakathaka benhliziyo yakho. UJesu Kristu uqinisa inhliziyo yakho. UyaMkholwa na? Angaliphulukisa ithumba lakho. UyaMkholwa na? Khona-ke phikelela. Qhubeka, qhubeka. Hamba futhi ukholwe, uzophila. UNkulunkulu akubusise.

229 Sawubona? Enye indoda, angiyazi. Ngiyibonile esikhashaneni esedlule, ngenkathi ngifika emsamo, ngikholwa ukuthi ibihlezi phezulu lapha. Isikhathi sokuqala engake

ngakubona ngaso empilweni yami, ngokwazi kwami. Kulungile. Manje ulapha ngesizathu esithile. Uma mina naloMoya ophezu kwami, leyoNsika yoMlilo nokuKhanya, kanjalonjalo, isithathiwe, uma lokho kungokukaJesu Kristu, Kuzofakaza ngeZwi; uma kungenjalo, khona-ke akukhona okukaKristu. Kodwa ukholisekile ukuthi kunjalo. [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Futhi unjalo. Futhi uhlushwa yisimo sokwethuka, imizoko ekuhluphayo. Futhi uzama ukungibona kokuthile okukhethekile. Yisimo sokomoya. Ungumfundisi. Futhi kumayelana nebandla lakho.

²³⁰ Ngikuzwile lokho kuvela kuwe. Yeka ukucabanga lokho. “Uthi ubengumfundisi ngoba ubehlezi kulomsamo.”

²³¹ Uyazi angikwazi, awunjalo na? [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? [“Yebo. Amen. Ngiyakholwa.”] Khona-ke, Mfundisi Donaldson, ungabuyela ekhaya lakho, futhi ukholwe, futhi uzophila futhi yonke into izokulungela. UNkulunkulu akubusise, melusi.

“Uma ukholwa, konke kungenzeka.”

²³² Uyakholwa na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.] Uyazi ukuthi anginakuzenza lezizinto na? [“Kunjalo. Udumo!”] Kodwa uyakholwa ukuthi Uyazenza, nguYe ozenzayo na? [“Kunjalo.”] Uyakholwa na?

²³³ Kunjalo, uma uzokwenza nje—nje manje okwalesisikhathi esisodwa nje, ngiyacela, phikelela, ungavumeli lutho lume endleleni yakho. Cindezela ungene ngqo. Awuboni ukuthi nguYe na? Awazi ukuthi lowo nguYe na?

²³⁴ Niyabo, Wayengeke aZikhombe njengesazi sezenkolo esikhulu, Ayengesiso. Wayengeke aZethule njengo—ngosopolitiki webandla, Wayengeyena. WayenguNkulunkulu, enziwe inyama. UNkulunkulu uyiZwi, neZwi lingumaHluleli wemicabango yenhliziyi, onguye izolo, namuhla, naphakade. Aniboni ukuthi nguYe na? Kungenzeka kanjani mina, ompofu, umuntu ongazi lutho njengami, onemfundo yesikole yokukhuluma nokubhalwa kolwimi na? Futhi akunandaba uma benginemfundo engaka, ubangalokhu ungeke ukwenze lokho. Kuyindida. Kuyini na? Kungamandla kaNkulunkulu. Anikuboni, bangane na? Ningakwazi yini ukwephula lolo qweqwe lusuke kini na?

²³⁵ Nangu owesifazane. Buka lapha. Angikaze ngimbone lowo wesifazane. Nali iBhayibheli lilele phambi kwami, angikaze ngimbone lowo wesifazane empilweni yami, ngokwazi kwami. Kodwa, impilo yakhe, akakwazanga ukuyifihla. Kunjalo. [Udade uthi, “O, haleluya!”—Umhl.] Amen. [“Haleluya!”] Manje, hhayi ngoba ethi “haleluya,” abazenzisi bangakusho lokho, kodwa owesifazane ungumKristu. Uyikholwa. [“O, haleluya!”]

²³⁶ Futhi uma ngizokutshela, ngomusa kaNkulunkulu, ngizwa amagoda ayisikhombisa kaSamsoni, ukuthi iyini inkathazo yakho, uyangikholwa na? Ingabe izethameli zizokholwa na? Ingabe nonke nizokholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”] Uzokwazi ukuthi kunjalo noma qha.

²³⁷ Okokuqala, uhlushwa umfutho wegazi ophezulu. Unesifo sikashukela futhi. Unesimo sokwethuka, futhi unokuthile okungalungile ngekhandla. Ukuxilongwa. Unethumba, kunjalo impela, ekhanda. Futhi uyazi ukuthi ngukufa ngaphandle uma uNkulunkulu ekuthinta, noma okuthize. Ngabe kunjalo na? Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini, Omile okhona manje. . . Woza lapha, ake ngibeke izandla zami kuwe. “Ngiyamhlala lodeveli. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angahamba.” UNkulunkulu akubusise. Hamba ngendlela yakho, ujabula manje. Amen.

²³⁸ Uyakholwa na? Uthi, “Ubumbheke ngqo ebusweni.” Awudingi ukubuka ebusweni bakhe. Buka lapha, angimbukanga ebusweni lo wesifazane. Manje uthi, “Mkhulu.” Kunjalo. “Yindlala yomphimbo.” Kunjalo. Kodwa akukhona lokho, akusikho lokho akufunela umkhuleko.

²³⁹ Unenkathazo yowesifazane, uketshezi oluphumayo afuna lukhulekelwe. Ngabe kunjalo, nenekazi na? [Udade uthi, “Yebo. Haleluya!”—Umhl.] Kukushiyile manje. Hamba ngendlela yakho, futhi ujabula, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

Kholwa nje.

²⁴⁰ Ukuphaphatheka kwegazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa na? Uthi, “NgiyaKubonga, Jesu Othandekayo.” Hamba ngqo endleleni yakho, uthi, “Akadunyiswe uNkulunkulu,” futhi ukholwe.

²⁴¹ Bukeka ukahle futhi uqinile. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphulukisa inkathazo yesisu, akwenze usinde na? Hamba, udle. UJesu Kristu uzokuphilisa.

²⁴² Uma uKristu engakuthinti, ufanele ufe, futhi uyakwazi lokho. Yebo, mnumzane. Kodwa uNkulunkulu angathatha wonke udeveli womdlavuzi, Angayibulala into, futhi ayiphilise. Uyakukholwa na? [Udade uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Hamba, ukukholwe. EGameni likaJesu Kristu, unghamba futhi uphiliswe.

²⁴³ Awuhambi njengakho, ngalesisikhathi nje, kodwa unesifo samathambo. Uphinde ube nokuthinteka kwenkathazo yenhliziyo, nokufuthelana okuncane enhliziyweni. UJesu Kristu uyakuphilisa, uma ukukholwa. Uyakholwa na? Ujabula, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi,” futhi philiswa.

²⁴⁴ Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaliphulukisa iqolo lakho futhi akuphilise na? [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.]

Kulungile, qhubeka ngqo, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.” Ya. Kunjalo.

245 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuthatha lokho, akunikeze ukuthekeliswa kwegazi, bese ekhipha lowoshukela ukukwenza umuntu omusha wangempela na? Uyakholwa na? Busiswa. Hamba ngendlela yakho, ujabula, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi. Ngiyakholwa.”

246 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angathatha lelothumba futhi akuphilise na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Qhubeka ngqo, ujabule.

247 UNkulunkulu angaphulukisa isifo samathambo futhi akuqondise iqolo lakho, akuphilise. Uyakholwa na? Hamba ngendlela yakho, uthokoza, futhi ukholwe.

248 Uyangikhulwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Angikwazi; uNkulunkulu uyakwazi. Uyagula, qobo lwakho. Kodwa isihe sakho esikhulu ngomunye umuntu, abantu ababili abagulayo, abagulayo ngempela, umdlavuza, befa. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Zithathe, uzibeke phezu kwakho, kholwa futhi ungangabazi. Bazophila, uma ukukholwa. Yiba nokukholwa.

249 Kulungile, mnumzane. Ngikhulwa ukuthi ungomunye wabefundisi abahlala emsamo lapha. Mayelana nokukwazi, angikwazi. UJesu Kristu uyayazi inhliziyo yakho. Uyakhwazi okusendodeni. Uyakholwa lokho na? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, khona-ke usulungele na? [“Yebo.”] Unjalo.

250 Nina befundisi niyayazi le ndoda, ngiyakholwa? [Umfowethu uthi, “UMfowethu Turner.”—Umhl.] Ya. Kulungile, niyayazi.

251 Kulungile, into yakho ukuthi, ukuthi ngempela, inkathazo iwukuthi, uhlushwa ukuphazamiseka kwemizwa. Unohlobo oluthile lwamathizethize engqondo engqondweni yakho. Kuyingcindezi evela kuSathane. Sekunesikhathi kwenzeka lokhu. Kubangela ukuthi umzimba wakho ube buthakathaka. Inhliziyo yakho ibuthakathaka. Usesimweni esibi kakhulu. Ngalokhu, wonke umndeni wakho usuthi awehluleke. Mnumzane, ubulokhu ulindele iZwi, ubungenjalo na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uyalamukela izwi lami na? [“Yebo, mnumzane.”] Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, ngikuthumela ekhaya ukuba uphile. Lowo develi phuma!


252 Uyakholwa na? Uyakholwa na?

253 Manje beka izandla zakho phezu komunye nomunye. Manje ngifuna nikhuleke kanye nami.

254 Nkosi Jesu, uBukhona baKho obukhulu bobuNkulunkulu, akekho-noyedwa ongangabaza. Wonke umuntu uyazi ukuthi Ulapha. Kodwa bayazi ukuthi nguWe, manje mabaphikelele.

Vumela laba, Nkosi, aba...Lezi zimangaliso, umugqa wonke ugcelele zona, eziyishumi nesithupha lapha emgqeni, neqembu phandle lapho ezethamelini, ngaphezu kwanoma yini noma yimuphi umuntu emhlabeni angayenza, qobo lwakhe. Akekho umuntu wasemhlabeni lapha obengenza lezizinto ngaphandle kukaNkulunkulu elapho. Siyakwazi. Kuphelele kanjani, kuyikho ncamashi kanjani! Ngiyakhuleka kuWe, Baba, ukuba uvumele abantu bakubone lokhu, futhi ubavumele babe nesineke manje. Banezandla zabo omunye komunye, futhi ezinhliziyweni zabo ukushaya, phezulu, iGazi lasebukhosi likaJesu Kristu, ngokukholwa, kudonsa komunye kuye komunye.

²⁵⁵ Futhi manje, Nkosi, yizwa umkhuleko wenceku yaKho. Njengenceku yaKho, ngilahla konke ukugula, sonke isifo esiseBukhloni bobuNkulunkulu bukaKristu ovusiwe. Kwangathi udeveli angalahlekelwa ukubamba kwakhe. Kwangathi isosha ngalinye, manje nenkamba yalo ikhiyelwe imelene nokungabaza kukaSathane, ngokukholwa okuphikelelayo, kuvuke, kucindezela leyonkamba ize ishaye ingxenyengaphakathi impela yalowodeveli futhi imxoshe ngokuphelele. Siphe khona, eGameni likaJesu Kristu.

²⁵⁶ Uma nizokukholwa, uma nikwemukela, niphulukisiwe nonke. Kukholweni, eGameni likaJesu Kristu. 

UKUBA NESINEKE ZUL63-0802
(Perseverant)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngo-Agasti 2, 1963, eMarigold Center eChicago, e-Illinois, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org